# *NeMbewu Yakho Iyakunqoba Isango Lezitha ZaYo*

Asibe silokhu simile, futhi nje sikhothamise amakhanda ethu senzele izwi lomkhuleko.

2 Baba wethu waseZulwini onoMusa, ngukuthi futhi siyasondela kuWe, sicela ukuthethelelwa kwezono zethu neziphambeko, futhi sikhulekela ukuthi Uzosihawukela, Baba. Sizokhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosixolela zonke iziphambeko zethu, uzosiholela ezindleleni zokuKhanya nokuPhila.

3 Futhi senze, Nkosi, sibe nobusawoti kakhulu ukuthi abanye bangalangazelela ukuba ngamaKristu, esixhumana nabo, siyazi ukuthi usawoti uyisinongo uma uhlangana. Futhi Baba, sikhulekela ukuthi Uzosenzela amandla kasawoti, futhi kwangathi singafisa kakhulu ukuxhumana nezwe elingaphandle elifayo, ukuze kube yiphunga elimnandi kubo. Sitshelwa ukuthi siyizincwadi ezilotshiwe, ezifundwa ngabantu bonke, futhi, Baba, sikhulekela ukuthi izimpilo zethu ziyoba njalo, njengoba sizisho ukuthi sinalesisehlakalo esikhulu sePhentekoste, ukuthi kuzoba ngokunjalo—*usawoti* ezweni, ukuthi bayolangazelela ukuba ngaleyondlela futhi.

4 Siphe uMoya oNgcwele waKho, Nkosi, ukuze sikhombise ezweni, ukuthi ukukholwa kwethu kuMsindisi wethu kuqinisiwe, ukuthi Akafile, kodwa Uhlala nathi usuku nosuku, esihola futhi esiqondisa endleleni, esondla, sihamba ngasemanzini okuphumula namadlelo aluhlaza anomthunzi.

5 Sikhulekela ukuthi Uzosibusisa kulobubusuku eZwini. Phulukisa abagulayo nabahluphekile, usindise abalahlekile. Thola udumo eGameni laKho elikhulu, ngokuba siyakucela, eGameni laKho, uJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

6 Impela si, sithatha lokhu kuyinhlanhla enkulu ukubuya futhi kulobubusuku, lapha ebandleni, ukukhonzisa futhi iZwi kubantu. Futhi lolu bekulusuku olukhulu. Ngijabula kakhulu ukuhlangana namaKristu, ukuhlangana nabantu bangempela, abazelwe ngokusha. Ngithemba ukuthi anicabangi ukuthi mina, ngizwakalisa futhi ngisho izinto engizenzayo, engicabanga ukuthi iCalifornia inazo zonke izoni, zisemhlabeni wonke. Futhi ngine. . .Izolo kusihlwa ngenkathi ngisondela, bengikade ngisezansi edolobheni ntambama, futhi ngaqaphela ukuthi abanye babantu, ukuthi bebenza kanjani, njengoba benjalo nje kwezinye izingxenye zezwe.

7 Futhi ngingene izolo ebusuku, futhi enhle kunawo onke, intombazanyana emsamo lapha, ekhwayeni, ngikholwa ukuthi bekuyikho, yabuyela lapho. IbingeyaseCanada, elihle ngempela, inenekazi elincane, elibukeka lihlanzekile, futhi elangempela, inenekazi langempela nje, ngithemba ukuthi uRebekah wami unjalo lapho eseneminyaka yalo, intombazane yaseCanada. Bese kuthi-ke, kulobubusuku, ngingena, ngimi phandle lapho eceleni kodonga kwakumi i—inenekazi elincane, limi phandle lapho, ngenkathi indodana yami, nomalokazana wami bekhuphuka, futhi mina, ngivela e-Arkansas, lilinde phandle lapho emakhazeni ukuba nje lingixhawule, lathi lalikhumbulile ngenkathi ngiseHot Springs eminyakeni eminingi, eminingi edlule, umndeni wakwaHumbard. Futhi nje ukubona abantu abanjalo, nje kwenza ukuphila kukufanele ukuphilwa.

8 Niyazi, si—siphilela ukukhonza, nokwenza esingakwenza senzela labobantu, nokuzama ukusiza abanye mhlawumbe ongayazi injabulo yokuphila leyompilo. Abanye abantu bacabanga ukuthi lapho uba ngumKristu ukuthi ku ta-. . . nje kukhipha yonke injabulo empilweni, kuphambene nje. Ngi—ngiphile ngezindlela zombili, lena iminyaka engamashumi amathathu nanye kade ngishumayela, futhi ngibe. . . Bengingeke ngihwebe ngalokhu kuphila uma bekungekho ngisho noma yiliphi iZulu ukuba ngiye kulo ekupheleni kwakho, kwakungekho-Jesu ukuba ngimbone. Nginokujabula okuningi ngiphila ngalendlela kunokuba mina, ngoluny'usuku, kunoma bengingaba neminyaka eyishumi noma ngayiphi enye indlela, uma bekungekho lutho kamuva.

9 Kodwa lokho kusuka ngempela enhliziyweni yami, njengo—njengomfowenu nenceku kaNkulunkulu. Kunokuthula okukhulu nokwaneliseka, sazi ukuthi lapho ulala phansi uma ungaphinde uvuke, kwenza mehluko muni na? Niyabo? U—u—usindisiwe, lelo—lelohange elibambelela ngaphakathi kweveli ndawondawo phandle lapho, into ethize esitshela ukuthi okuhle kungolunye uHlangothi nje.

10 UBilly uthe izolo ebusuku kimi ngenkathi ngihamba, uthe, "Babayi, ucabanga ukuthi ungake ukwenze ngesinye isikhathi uyophuma ngelesishiyagalolunye nqo na?"

Ngathi, "Ngithemba kanjalo, ngesinye isikhathi." Kodwa ngi. . .Ningabantu abakahle kakhulu ukukhuluma nabo, futhi nina. . .ayikho indawo yokuma.

Futhi wathi, "Awu, into yokuqala, ukhulume cishe imizuzu engamashumi amathathu ngaphambi kokuba uze uqale intshumayelo yakho."

11 Ngathi, "Manje, Billy, ngizo, angizukukwenza lokho kulobubusuku, ngizo—ngizoqala ngqo entshumayelweni ngokukhulu ukushesha, ukuze ngikwazi ukukhipha abantu."

12 Sine, kuseyiviki eligcwele; futhi khona-ke sifanele sihambe sisuka lapha bese sikhuphukela eVisalia; futhi ngqo ukusuka lapho ukuya e-Ohio, emuva eqhweni; nasezansi eVirginia, lapho engicabanga ukuthi banama intshi ayishumi nesikhombisa eqhwa phakathi lapho manje; bese-ke ngibuyela ngale e-Illinois, eBloomington, enhla eChicago; bese kuthi-ke yonke indlela enhla enyakatho yeBritish Columbia, lapho elikhithika khona ngempela; bese kuthi-ke, ngiyethemba, uma iNkosi ithanda, ngesinye isikhathi kulelihlobo, uku—ukuya phesheya kwezilwandle futhi, ngoba yilapho inhliziyo yami ilele khona. Yiqiniso lelo. Ubuyokwenza, nawe.

Wena uthi, "Awu, awusithandi."

13 Yebo, ngiyanithanda, kodwa senivele nigxilise okwehange kuKristu, nalabobantu laphaya, belambe kakhulu futhi bomile. Futhi manje, ukuba bengisebenzela nina, futhi bengingakha, bengikha amajikijolo, ngakolunye uhlangothi lomgwaqo *ngapha*, bengingakha amagalani angamashumi amahlanu ngosuku, *ngapha* komgwaqo, bengingakha amakota amabili ngosuku. Manje, iyiphi insimu engifanele ngisebenze kuyo na? Impela. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

14 Kodwa into eyodwa ngokuba nemihlangano lapha, abantu baseMelika banemali, futhi yibo abafanele baxhase. Labobantu abakwazi ngisho nokudla laphaya kodwa lokho . . . futhi nje kubi kakhulu, ubungeke neze waqonda ukuthi kuyini.

15 Ngeke kushaye inhliziyo yakho uze ume emgwaqeni ngesinye isikhathi, ushumayela, futhi ubona umama omncane nengane yakhe encane, nesisu sayo sivuvukele saphakama *kangako*, efela ukulamba, futhi ezama ukukunika ingane, uyazi ukuthi uzofa, futhi, ebulawa yindlala. Awu, ukuba-ke uthatha lowo na? Nansi eyodwa *ngapha*, neyodwa *lapha*, neyodwa *lapha*, neyodwa, ndawo zonke nje. Niyabo? Futhi kuyinto edabukisayo.

16 Bese-ke uyabuya, futhi ucabange ukuthi sihhala emgqonyeni kadoti ngokwenele ukondla labobantu.

17 Futhi kukhona okuthize nje, ezomnotho zezwe azibhalansiswa kahle ndawondawo, nje akulungile. Futhi akukho esingakwenza ngakho, ningakubona, kodwa, niyabo, ngingumMelika oyedwa nje. Futhi lokho yi . . . futhi nje umKristu oyedwa. Futhi singabuya futhi sixoxe izindaba.

18 Futhi kuyiqiniso ukuthi izithunywa zenkolo eziningi, kulobubusuku, zidla ukudla okukodwa noma okubili ngeviki, futhi zingenazicathulo ezinyaweni zazo, ipheya elidala nje lamabhulukwe amanikiniki, noma okuthize, zizithandele, ziyongena emenweni zishumayela iVangeli, leliVangeli esilishumayelayo khona lapha. Akulungile nje, akubonakali nje kulungile, nakuba zingakhonondi, ziyaqhubeka ngqo zikwenza, noma kanjani. Kucishe impela nje kwephule inhliziyo yakho ukuba ubone.

Ngithi, "Lowomfo *lapho* na?"

"Uyisithunywa senkolo."

19 Ngenkathi siseThekwini, eNingizimu Afrika, yilapho enganginakho, ngiqagele, ukubizela e-altare okukhulu kunakho konke iNkosi eyake yanginika khona, sabhalisa abaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ekubizeleni e-altare okukodwa. Cabangani ngalokho nje. Izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe bemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo ngenkathi bebona kwenzeka, njengoba nje nibonile lapha izolo ebusuku. Balambile futhi bomile. Futhi lapho bebona into ethize enobuqiniso kuyo! Kodwa niyabo, thina lapha eMelika, sinazo nje zonke izinhlobo zabavangeli, futhi uma omunye engasithokozisi, sivele simlahle, sithole omunye. Futhi niyazi, sinezinhlobonhlobo ezinjalo nje, futhi i—futhi into yokuqala niyazi, ngani, konke kuba ngokwejwayelekile kakhulu kithi size sikhohlwe yikho nje. Labobantu balangazelele ngempela uNkulunkulu.

20 Ngibone abafana abancane abansundu bemi *kanjalo*, abantwana abancane, bengakaze bazi ukuthi isudu yezingubo yayiyini. Bengakaze bazi . . . Awu, sasino-ayisikhilimu owenziwe ekhaya, futhi omunye wabo wayekhuphuka, ngase ngiwufaka esandleni sakhe, wawuqathaza futhi wadazuluka. Ngabuza uMnu. . . . , noma, indoda eyayimi nami, "Utheni na?"

"Wathi, 'Basi, ungishisile.'" Wawubanda, niyabo, wayengakaze ezwe lutho olubandayo, niyabo. Wathi, "Ungishisile."

21 Ngibabona ezansi lapho, ngenkathi beyothola isiphuzo sabo, nezingwenya zibaqeda. Futhi ngibabone beza kaningi cishe izinyanga ezimbili ngaphambi kwesikhathi, ngenkathi bezwa ukuthi ngangiza laphaya ukuzokhulekela abagulayo babo. Babehamba bethwele abathandekayo babo ngezinhlaka ezenziwe ekhaya, amabhodi, nanoma yini ababengaba nayo. Futhi lapho beyokwenza, ibhubesi lalifika, babebakotelisa esihlahleni ndawondawo amabhubesi aze ahambe, bese-ke bebehlisa. Umnikelo onje pho, ezansi ukudabula emenweni! Bese kuthi-ke ukubabona belele okungenani amabhilidi edolobha amane noma amahlanu ukujula, uze ungakwazi ngisho ukubona isiphetho sabo kanjalo, belele lapho, nje . . .

22 Futhi ngenkathi bebone indoda eyodwa iphulukisiwe emsamo . . . Ngaphenduka, futhi ngabahumushi abayishumi nanhlanu abehlukene, kungukuthi, ufanele nje ubhale phansi okushilo ekugcineni, kodwa ngenkathi ngibabuza, ngabe isithunywa senkolo sabatshela ukuthi wayeyini loJesu omkhulu na?

"Yebo," kodwa wayebatshelile futhi ukuthi izinsuku zezimangaliso lwase lwedlule.

Ngathi, "Manje, Wayeyini-ke na? Noma ngabe yiyi Ayeyiyo ngaleyonkathi, Uhlala eyiyo uma Ephila." Niyabo?

23 Futhi ngenkathi sebebone lokho kufakazisa ukuthi Wayenguye, ngenza umkhuleko nje, umkhuleko webandla, noDkt. F. F. Bosworth (Ngabe ukhona owake wezwa ngaye na? Iningi lawo wonke umuntu. Omunye wabangcwele abakhulu kunabo bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami.), walinganisa phakathi kwezinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu nezingamashumi amathathu izimangaliso ezizenzekelayo zenzeka ngesikhathi esisodwa.

Ngakusasa ekuseni, uMnu. Sidney Smith, imeya ya—ya—yaseThekwini yangibiza, yathi, "Bhekisisa ifasitela ngasogwini lolwandle ukusuka ekamelweni lakho lasehhotela."

Ngathi, "Kuyini na?"

Wathi, "Ngizobona uma ngingafika lapho ngesikhathi, kusendleleni yakho."

Awu, ngangihlezi lapho, ngamangala, "Ibisho ukuthini imeya na?"

24 Futhi nje ngalobobusuku, kwakukade kukhona owesifazane owayefe laphaya ngalolosuku, umngane wakhe, wamkhulekela, futhi wayesephilile, amaphepha enikeza izihloko ezinkulu ngakho. Futhi ngenyuka . . .

25 Niyabo, lapho abantu bezithoba khona ngempela, futhi bakhohlwe yikho konke okunye, futhi nje bakholwe eNkosini, nje yonke into iyenzeka. Bese kuthi-ke . . . Kodwa ufanele ukukholwe, yilokho kuphela, nje, hhayi nje—hhayi nje ukuzikhandla kukho, kodwa nje kalula, kukholwe, niyabo, nje, kulungile.

Futhi ngakho, babiza. Futhi ngezwa into ethize ibanga umsindo, ngase ngehla ngomgwaqo.

26 Manje, bane—banezimpi zobuzwe phakathi kwabo, kodwa ngenkathi ngihamba ngiya emsamo kwakukhona ishumi nanhlanu, ngiyazi, izizwe ezehlukene lapho, zonke phakathi lapho nezinyanga-bathakathi zabo, nezinduna, kanjalonjalo, futhi bonke bama nganhliziyonye, cishe abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, futhi bacula, ngamunye ngolimi lwabo lomdabu, konke kuhlangana ndawonye, "Konke kuyenzeka, kholwa kuphela."

27 UMfowethu Bosworth wathi wayekade enamaphimbo ekuhlabeleleni aqeqeshiwe, futhi waya eMadison Square Garden ne-okhestra yamakhulu nento, futhi wathi akukaze . . . wathi abanye babo bayoba amanothi ayisishiyagalombili ukuphakama namanothi ayisishiyagalombili ukwehla, amaphimbo okuqeqesha, kodwa wathi kwa—kwakukhona nje bonke, nabo, babengeke bazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, umculo ophelele nje. Ngiyambona nje nokho

lapho ekhumula izibuko zakhe, futhi uqala ukwesula amehlo akhe, wathi, “Mfowethu Branham, lokhu ukugcotshwa kwami, ukuzwa lokho.”

Ngathi, “Lowo nguMoya oNgcwele, UyiyonaNto kuphela ebingabenza bacule.”

28 Ngosuku olulandelayo, ngenkathi ngiya efasiteleni futhi ngabuka phandle, ngacabanga ukuthi inhliziyo yami iyogxuma iphume kimi, ngabuka, kuza kwehla ngomgwaqo lapho kufika ayisikhombisa alawo maveni amakhulu ase-Afrika. Athi awabe made nje ukusuka lapha kuya e, o, ngapheseya kwalendlu cishe impela, abanamasondo amane kuya kwayisithupha ngaphansi kwabo. Futhi ayenqwatshelwe phezulu nje ngangokuthi ayenganqwabelaniswa ngamapulangwe amadala, nezagila, nezinto labobantu ababehambe ngazo ngayizolo.

29 Nalabo ababehambe ngakho babehamba ngemuva, ibanga lezindlu zasedolobheni. Ayisithupha alawo bi-. . . ayisikhombisa alawomaveni amakhulu agcwele, kanjalo, behla ngomgwaqo nezandla zabo ziphezulu emoyeni, wayekhubazekile ngosuku ngaphambi kokucula, “Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.” Ngiyanitshela! Niyabona ukuthi kungani . . . engikuqondile. Kungukuthi nje, kungukuthi, inhliziyo yakho yopha nje ukuba ifike kubo futhi, niyabo, iyagxuma nje ukubona ukuthi ungabenzelani.

30 Futhi ngathola iphepha, elinye lephepha laseThekwini, elathi isizwe esisodwa, amaShangane, ngiyakhohlwa ukuthi babuya kangakanani emavikini kamuva, futhi babe, futhi ngenkathi bebuya, base beqedile ngesono, babuyisa nezibhamu, namawashi, nalokho ababekwebile ngokuhlala phandle ezinkomponi, niyazi, babengena edolobheni, bentshontshe.

31 Manje ngixoleleni, bodadewethu, ngalesi sisho esiluhlaza, futhi ningacabangi ukuthi ngizama ukwenza into ethize, ngiyifuqa kanzima. Kodwa ngifuna nje, ukunibuza into eyodwa nje. Sifanele siphile e—ezweni lempucuko. Nalombhaphathizo kaMoya oNgcwele esikhuluma ngawo, ngibabonile abantu bemukela uMoya oNgcwele owayengasazi isandla sokudla nesokunxele. Futhi niyazi ukuthi benzani lapho bekwemukela na? Benza njengoba wenza nje lapho ukwemukela, wenza into efanayo. Futhi abazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele. Futhi bemi kulowomhlabathi kwakunabesifazane bemi lapho, njengoba nje, kungekho-zingubo zokugqoka, kungengaphezu kokuba bezalelwe phakathi, futhi lapho bama lapho, abasha nabadala, futhi bonke ngokufanayo.

32 Futhi ngababuza, ngathi, “Manje, ngifuna ni . . . Ningamemukela loJesu, owenze lendoda eyayikhubazekile ngakho konke ukuba isukume iqonde futhi ihambe, lapho Oyitshele khona . . .?” Ngase ngithi, “Ngi . . . Njengoba izinyanga-bathakathi zakho bezicabange ukuthi bengifunda

umqondo wakhe." Ngathi, "Manje, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu waseZulwini umsindisile." Ngathi, "Bangaki abafuna ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nabo na?" Futhi baphakama, izinkulungwane.

UMfowethu Baxter nabo bathi, "Ngikholwa ukuthi bafanele ukuthi bebesho ukuphulukiswa ngokomzimba."

33 Ngathi, "Kuqale ngabahumushi futhi." Ngathi, "Bengingaqondile ukuphulukiswa ngokomzimba, bengiqonde ukwemukela uKristu, uMuntu Onithandayo. Futhi ngiyaqonda ukuthi ninokuphela okuluhlaza kwakho lapha, njengoba nje iNdiya lakithi laseMelika lafika laphaya, lapho uNkulunkulu alibeka khona ezweni." Kodwa ngathi, "U—unesivumelwano esingalungile kukho, kodwa ukhona Ozokunika ubulungiswa, leyo yiNkosi uJesu, futhi ufuna ukuMemukela njengoMsindisi wakho siqu, ungaya eKhaya eZulwini." Ngase ngithi, "Phakamisani izandla zenu. Labo abathwele izithixo, ziphuleleni emhlabathini."

Futhi bephula izithixo zabo, futhi baphakamisa izandla zabo, abahedeni abambethe izingubo zokulala abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu.

Ngathi, "Nisaphakamise izandla zenu, yemukelani uJesu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele."

34 Futhi ngenkathi benza lokho, labobantu, abanye besifazane bemi lapho, benqunu, indwangu nje, niyazi ukuthi benzeni ukuba bahambe basuke lapho na? Basonga izingalo zabo ukuba basuke bahambe.

35 Manje, yini into exakile kimi, ukuthi owesifazane ongasazi isandla sokudla nesokunxele, futhi uthi nje uKristu angafika enhliziyweni yakhe, uyaqonda ukuthi uhambaze, futhi uzozama ukuzifihla, futhi thina, esifanele ukuba yisizwe samaKristu, ngokuqhubekayo siyakukhumula. Ungangichazela khona na? Ngi—ngifuna nje ukubuza lowombuzo. Ngi . . . kukho konke . . . Angikuqondile lokho ukuhlekisa, lena akusiyo indawo yokuhlekisa, leli yideski, ipulpiti likaNkulunkulu, niyabo. Kodwa akusilo iqiniso lelo na? Ku . . . Ungenza umqondo kukho na?

36 Owomdabu ongazi lutho ngoNkulunkulu, futhi uthi nje uKristu angafika enhliziyweni yabo, bayaqonda ukuthi bahamba-ze, futhi thina esifanele ukuba ngamaKristu, njalonjalo unyaka ngamunye, njengoba nje umthetho uzokuvimbela ukuba usuke emgwaqeni, ukukhumula njalo ngonyaka. Kukhona okungalungile, ndawondawo. Mhlawumbe ku . . . kungahle kube yimi, kungahle nje kube yimina onephutha, angazi. Uma nginephutha, khona-ke iZwi linephutha, niyabo. Ngiyathanda ukuhlala neZwi.

37 Manje, ngithethelele, Billy, ngikwenzile futhi. Ngikholwa ukuthi benginoMfowethu Borders ukuba afunde okunye . . .

Nginezinye izimemezelo lapha, kodwa ngizozithola nje kamuvanyana, ngoba sekuba leyithi kakhulu. Futhi ngizozama ukuphuma ngelesishiyagalolunye nqo, uma ngingahle ngikwazi.

38 Manje, ngifuna ukuthatha kulokho kufundwa komBhalo kuGenesisi, isahluko 22, na*mavesi* ayishumi okugcina evesi le 17:

*nenzalo yakho iyakunqoba isango lezitha zayo;*

39 Manje, kade sitadisha ngo-Abrahama, nokuthi uNkulunkulu wayekanjani eno-Abrahama, nokuthi Wamenzelani. Futhi ngoMgqibelo odlule ebusuku, sasuka ku-Abrahama, niyazi, lapho uNkulunkulu ayemphendule khona noSara babuyela ekubeni yinsizwa nentombi. Nikuthandile lokho na? Niyakukholwa na? Wabuyela emuva, futhi owesifazane waba nengane. Futhi sikufakazisile lokho ngomBhalo ukuthi uSara wayengowesifazane osemusha, ngoba kwakukhona inkosi esencane ezansi lapho, u-Abimeleki, eyathandana naye.

40 Futhi ngathola inothi elincane kukho, lathi, "Mfowethu Branham, babephila isikhathi eside nje ngalolosuku." Omunye omncane uyaphikisana, kusobala, lokho nje kulungile, kodwa ngithanda ukukucacisa lokho kuwe, mfowethu.

41 Nike naqaphela ukuthi umBhalo uthi, "Futhi bobabili base begugile"? Niyabo? Babebadala. Futhi ngakho Wababuyisela emuva ekubeni yinsizwa nentombi, ekhombisa ukuthi Uzokwenzani kuyo yonke iNzalo ka-Abrahama. Manje, sibona lezozithembiso ezinkulu Azinikezayo.

42 Manje-ke sithola ukuthi u-Abrahama wayengazali; uSara waye, mhlampe, wayeyinyumba, mhlampe uSara kwakunguye owayeyinyumba. Kodwa emva, u-Abrahama, engumzimba wakhe uqobo, njengoba iBhayibheli lasho kwabaseRoma 4, esefana nofile, futhi siyathola ukuthi nokho iminyaka engamashumi amane emva kwalokho, ngenkathi umkakhe efa futhi washada futhi, wayenamanye amadodana ayisikhombisa, ngaphandle kwamadodakazi, emva kwalokho. Ngakho, uyabo, khona nje, wena, phakathi komugqa, uyabo, uNkulunkulu uvele ubenzele okuthile, kunjalo, Wavele nje wababuyisela emuva, futhi wabenza izithandani ezisencane futhi.

43 Ngijabula kakhulu ukuthi nginethuba, futhi ngingaletha elinye lamagugu amakhulu kunawo onke kubantu abakhona ezweni, ukubatshela ukuthi siyizindlalifa kanye no-Abrahama zalesisithembiso, singabantwana baka-Abrahama. Sikwenza kanjani na? Ngokujoyina ibandla na? Qhabo. Ngokuba ngabafileyo kuKristu, semukela uMoya oNgcwele. Khona-ke siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso. Ungehluleki ukukuthola, mngane ongumKristu, hlala nakho.

44 Uma ngenza okufana nokushaya ikhwela okuncane ngenkathi ngisakhuluma, nonke niyazi ukuthi ngangivame

ukuba ngumshayi wesibhakela esikhokhelayo, ngangivame ukushaya isibhakela, nganginomklomelo womqhudelwano obanjwa minyaka yonke omuthathu, angikaze ngihlulwe ngaphandle kwempi eyodwa empilweni yami. Futhi ngamoyizelela umfo ngesinye isikhathi ngenkathi e—engishaya futhi wangigeja, futhi wangishaya ngqo emlonyeni, futhi sashaya amazinyo amabili axega lapho, futhi saqhephula ikhona kwelinye. Futhi nje ngolunye usuku, ngalahlekelwa ukugcwaliswa kwalo, ngakho-ke ngi—ngenza kancanyana ukushaya ikhwela ngezinye izikhathi.

45 Bengicabanga ngesinye isikhathi ukuthi lokho kwakukubi kanjani, futhi ngiyakhumbula uNkk. Graham, ngomvangeli owaziwayo, uBilly, washo ukuthi i, ngesinye sezikhathi ezinkulu zokuphila kwakhe ukuthi, unezinyo elilodwa eliphumile ngaphambili, niyazi, futhi ufaka ingxenye, futhi walahlekelwa yilelizinyo, futhi kwase kuthi nje akube yisikhathi sakhe sokuba aye ekusakazeni, futhi wathi, "Ushaya ikhwela kabi kabi, futhi yena nje, futhi wayefanele ame ngasemayikrofonini," wayesethi, "o, uBilly ngempela wayekhuleka."

46 Futhi umlindisango, nawo wonke umuntu ebuka ngale, abalekeleli basehhotela bezama ukuthola lelizinyo, lapho elalikhona. Kutholakala ukuthi, lawa ephaketheni lebhulukwe lakhe futhi lalisesicathulweni sakhe, omunye umuntu walithola phansi kwesinye sezicathulo zakhe. Futhi—futhi wakusho kuye ngenkathi eseLouisville. Futhi ngakho, into ayenzayo, wayethatha ithawula emva kokugeza, bese eliphosa phezu kwesiqongo somnyango *kanjalo*, bese lenza omkhulu, umushwe ongcolile. Futhi wayemfishane kakhulu ukuba aye phezulu futhi awesule, niyazi. Ngakho, sonke sinamaphutha ethu, niyabo, sonke, ngisho nobedlula konke.

47 Ngakho sithola ukuthi u-Abrahama noSara manje base bemukele lona omncane. Eneminyaka cishe eyishumi nambili ubudala, wathathwa, wacelwa nguNkulunkulu, noma, ukuthatha umntwana wakhe uqobo akhuphukele entabeni futhi amnikele njengomhlatshelo, ambulale.

48 No-Abrahama akabanga ngongamkholwa uNkulunkulu, ngoba wayazi ukuthi uma e—ukuthi uma elalele uNkulunkulu njengoba enza, walinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ukuthi wamemukela nje*ngovela* kwabafileyo (Manje kuthiwani ngalokho na? Ngabe base bebadala noma qha na?), ememukela njengovela kwabafileyo, azi ukuthi wayeqinisekile ngokugcwele ukuthi Wayekwazi ukumvusa futhi kwabafileyo. Niyabo? Ngoba wayesefana nje nofile, ukuphila kwakhe ngaphakathi kuye, njengesilisa, wayesefile, noSara, isizalo sasifile, futhi nje waye. . . Wayesanda kumemukela nje njengovela kwabafileyo, ngakho wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengamvusa uma Wayesigcinile isithembiso saKhe.

49 Khona-ke siyabona lapho kufika ukulalela okugcwele, khona-ke ngenkathi esezothatha ukuphila kwendodana yakhe uqobo, iNgelosi yeNkosi yamemeza isezibhakabhakeni, futhi yabamba isandla sakhe, futhi kwakukhona inqama emva kwakhe. Futhi wathatha inqama eyayibanjwe okhuleni ngezayo, noma, imivini ngezimpondo zayo, futhi wanikela ngenqama esikhundleni sendodana yakhe uqobo. Futhi sikuxoxile lokho. Yavelaphi lenqama na?

50 Manje, u-Abrahama wayeluhambo lwezinsuku ezintathu, wase-ke ephakamisa amehlo akhe kude le futhi wabona intaba. Okungenani wayeqhele ngamamayela angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuya ekhulwini empucukweni, futhi phezulu esiqongweni sentaba lapho okungekho tshani noma kungekho-manzi, futhi wayegingqe amadwala ngapha nangapha, futhi walungisa i-altare, futhi kwakungekho-nqama lapho. Futhi uma inqama ibingaba phezulu lapho, izilwane beziyo, yibulala kudala, iduka kanjalo. Futhi yingalesosizathu wayibiza ngo*Jehova-jire*, "INkosi izoZibonela umhlatshelo."

51 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wakhuluma inqama yaba khona. Futhi sithole ukuthi kwakungesiwo umbono, umbono awophi, wabulala inqama, negazi lagobhoza enqameni, futhi wanikela ngaleyo esikhundleni sendodana yakhe uqobo. Niyazi ukuthi yayingubani leyonqama na? INkosi uJesu Kristu. Kunjalo impela. Kwakuyileyo, ekukhulumeni okungokomfanekiso, leyo kwakunguYe.

52 Khona-ke uNkulunkulu wajabula kakhulu ngokulalela okuphelele! UNkulunkulu wayevivinye ukhokho waKhe, Wayevivinye inceku yaKhe. Futhi yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ibe yini na? Yavivinywa, yajeziswa. Yilapho abaningi bewela khona, ngoba asikwazi ukukumela lokho kulingwa.

53 Umuntu uza esikhathini semvuselelo se-altare, futhi nizobhekisisa isikhashanyana nje, lapho izivivinyo ezishisayo ziqala ukufika, uJesu wakufundisa ngokusobala, wathi, "Umhlwanyeli waphuma ehlwanyela izimbewu, enye yawela ngasendleleni, enye yawela emhlabathini onamatshe, naphakathi kwameva namakhakhasi, nezinye zawela emhlabathini omuhle."

54 Futhi Wathi yileyondlela iZwi elahamba ngayo, liphuma: Abanye bezwa iZwi, bayaphuma, izinyoni ziyafika, zilicoshe, niyabo, a—ayisizi ngalutho nhlobo. Abanye benyuka ngobusuku obubodwa, o, bazokwenza izinto ezinkulu, kodwa lapho izivivinyo ziqala ukufika, kubaminyanisa kwehle. Kodwa enye ihamba yonke indlela iwele emhlabathini omuhle, futhi lokho kuveza okuphindwe ngekhulu.

55 Masibe ngokuphindwe ngekhulu, asihambe siye ngale, sithengise konke okuvela ezweni, futhi sibheke kuKristu,

futhi siMkholwe ngazo zonke izinhliziyo zethu. Zenzeka kanjalo-ke lezizinto, ifika kanjalo-ke imibono, akanjalo-ke amandla kuNkulunkulu. . .kaNkulunkulu ahamba phakathi kwethu yilapho si, kungekho-zimpande zokubaba, nayo yonke into ihlanziwe yakhishwa, noMoya oNgcwele ungasebenza ngathi, khona-ke siba ngumgudu.

56 Ukuba-ke bekukhona okushodayo kulesi sipikha, kulobubusuku na? Beningeke neze nikwazi ukungizwa, besizogcwala konke ukubhubhuza, beningeke nazi ukuthi bengithini. Awu, lokho kunjengoba sinjalo nje. Leso yi—leso yisimungulu, kuze kuthi into ethize yenze umsindo kuso, singeke sazikhulumela sona. Futhi yileyondlela esiyiyo, asazi lutho ngabaseZulwini, kodwa kuthatha uMoya oNgcwele ukwehla, futhi usebenzise amehlo ethu ukuba abe nemibono, izindebe zethu zibe ngamazwi neziprofetho, futhi—futhi—futhi ukhulume amazwi, futhi ubhekisise izinto zenzeka.

57 "Celani enikuthandayo eGameni laMi, niyakwenzelwa khona." Niyabo? "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona. Ngiqinisile Ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushilo kuzokwenzeka, ningaba nakho enikushilo." UMarku oNgcwele 11:22 nelama 23. Manje, siyazi ukuthi lezozinto ziyiqiniso.

58 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama kuqala wavivinywa. Futhi emva kokuba esebekezele ekulingweni. . .

59 Futhi iBhayibheli lisho ukuthi siyini uma singenakukumela ukusola kukaNkulunkulu na? Khona-ke siba ngabantwana besihlahla, *ababizwa* ngabantwana, kodwa hhayi abantwana bangempela bakaNkulunkulu. Abantwana bakaNkulunkulu bazi kahle hle ukuthi bami kuphi, bayazi ukuthi babeke kuphi ithemba labo, ukukholwa kwabo, ukwethemba kwabo, akukho okuzoke kubanyakazise kukho.

60 "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza," kunjalo, futhi manje, "oza kiMi Angisoze ngamlahlela ngaphandle. Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekulahlweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Nanko umBhalo. Niyabo? UJohane oNgcwele 5:24.

61 Bayakukholwa, bakwemukele, kukhona okwenzekile kubo, baba yisidalwa esisha. Bayimvelo entsha, ba—bayisidalwa esisha, isidalwa esisha. Lapho, igama lesiGreki lithi, "indalo entsha." Yisidalwa esisha, usuphinde wadalwa futhi kulokho owawuyikho, waba semfanekisweni wendodana kaNkulunkulu, nendodakazi kaNkulunkulu. Kungokunjalo nje. . .kuyisimangaliso esikhulu kunazo zonke esake senzeka, lapho isoni singenziwa ukuba sibe ngumKristu.

62 Isibonelo nje, nasi isihlahla sameva sikhula, ngu—ngukuphila, lesisihlahla sameva, futhi sinameva kuyo yonke indawo, futhi sineqabunga elibukeka lixakile kuso. Manje, niyabo, kuthatha into ethize ngaphandle kwanoma yimuphi umsebenzi womuntu ukuguqula lesosihlahla sameva, futhi yenze lawomeva asuke kuso, futhi nje sisombululwe, futhi kube amahle ngempela, amaqabunga abushelelezi, futhi sithele amawolintshi. Manje, niyabo, bekuyodingeka kwenzekeni na? Ubuzofanele wedlulisele ukuphila kwesihlahla samawolintshi kulesosihlahla sameva, bese kuthi-ke empeleni siyothela amawolintshi, ngoba ukuphila okungaphakathi kwaso kuliwolintshi. Kusobala, ubungeke ukwenze lokho ngokwemvelo, kungeke—kungeke kweqe ngaleyondlela.

63 Kodwa yilokho esiyikho. Njengokuthi, manje si—singukolo, uhlamvu lukakolo enqolobaneni kaNkulunkulu, ngenkathi sasiwugudluthukela, noNkulunkulu wasiguqula sisuka ekubeni wugudluthukela saya ohlamvini lukakolo. Wenza izithelo zehluke, uguqula umqondo wakho uqobo, imibono yakho uqobo. Yisimangaliso esikhulu kunazo zonke esake senzeka, lapho owesilisa noma owesifazane ezelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, futhi uba yisidalwa esisha kuKristu Jesu.

64 Manje, siyathola-ke ukuthi uNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Ngoba wenze lokhu," futhi unika ukhokho lokhu ukuvivinywa okukhulu, Wathi, "iNzalo yakho iyakunqoba amasango esitha . . . ezitha zayo." *Izitha*, kusebuningini. "Bayakunqoba amasango ezitha."

65 Manje, iNzalo yakhe. Manje, Ukhuluma ngobani, *iNzalo* na? INzalo yiBandla. Sifika kanjani eBandleni na? Hhayi ngokuLijoyina, kodwa ngokuzalelwa kuLo. Niyabo, ngi—ngikholwa ukuthi sinenhlangano yethu, amahlelo ethu, nalezozinto zilungile, kodwa lokho akusifaki eBandleni. Besingabajoyina bonke, futhi sibe sisalokhu singabibikho eBandleni. Awu, awu*joyinwa* eBandleni, u*zalwa* eBandleni. Uba ngumndeni kaNkulunkulu.

66 Manje, sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu-nanye, futhi abazange bangicele ukuba ngijoyine umndeni, ngoba nganginguBranham ekuzalweni, ngazalwa emndenini. Ngi—ngiba nguBranham ngokuzalwa, uba ngumKristu kanjalo-ke, ngokuzalwa. Lapho uzalwa ngokusha uba yisidalwa esisha, isidalwa esisha kuKristu Jesu, futhi zonke izinto ezindala seyedlula, futhi zonke izinto seziphinde zaba zintsha futhi. Yeka i . . . Kuyamangalisa!

67 Ngingathanda ukubuza ibandla into eyodwa: Yimuphi umcebo omkhulukazi obungawuthola emhlabeni, kulobubusuku na? Yini obungayithola obungayishintshanisa ngalelithemba na? Ngani, bekungebebikho lutho olungeke luthinte noma ngayiphi indlela, ngalelithemba elikhulu.

68 Manje, kodwa khumbula, "INzalo yakho iyakunqoba amasango ezitha zayo." INzalo iyakunqoba. Manje, Ukhuluma manje ngeNzalo ka-Abrahama. Futhi siba kanjani yiNzalo ka-Abrahama na? Ngokuba ngabafileyo kuKristu, kwabaseGalathiya 3. Thina, lapho sifile kuKristu, siba yiNzalo ka-Abrahama. Niyabo? Si—sifile ezintweni zezwe, futhi siqala isidalwa esisha kuKristu Jesu, khona-ke uMoya oNgcwele owawukuKristu ukithi, nalokho kusenza sibe yiNzalo ka-Abrahama, futhi kusinika ukukholwa kuka-Abrahama. Niyabo? Yingalesosizathu . . .

69 Abantu bathi, "O, bengingeke ngikholelwe ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." Bengikhuluma nomfundisi othize, akukho okuphambene nendoda, inelungelo lemibono yayo, ungumMelikana njengoba sinjalo nathi, futhi wathi, "Mfowethu Branham, angikhathali uma ubungaveza izimangaliso eziyizinkulungwane eziyishumi, kungukuthi, noma kunjalo angikholelwa ekuphulukiseni."

70 Ngathi, "Impela qha, kwaku—kwakungesikho okwabangakholwayo, kwakungokwalabo nje abakholwayo." Niyabo? Kunjalo. Aku—akusikho okwabangakholwayo, kwakuhloselwe amakholwa kuphela, yilokho kuphela. LoMoya oNgcwele owabo abakholwayo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu okwalabo abakholwayo, hhayi abangakholwayo, ngamakholwa.

71 Manje, niyazi ba . . . UJesu wafika ngaso impela isikhathi ababeshumayela ngokumelene nakho, nakho konke okunye, kodwa Waqhubeka ngqo nokuphulukisa ngokufanayo nje. Futhi akunandaba ukuthi bakhuluma kangakanani ngokuthi "Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele," abantu baqhubeka ngqo bekwemukela ngokufanayo nje. Niyabo? Bangahle bangakwazi ukukuchaza, abakwazi ukuchaza ukuthi mangaki amamolekhuli akhona e-intshini, noma amamayela amangaki ukuya enyangeni, kodwa bayazi ukuthi bemukele *Into ethize*, futhi bayaYijabulela.

72 Futhi, leli akusilo ihlaya, kodwa kushiwo kwiChristian Businessmen maduze nje, komunye wemihlangano. Kwakukhona osekhulile, udade oyikhaladi owayefuna ukufakaza, wakusho ngendlela yaseNingizimu, wathi, "*Mina u*funa ukunikeza ubufakazi bami." Wathi, "*Mina a*kasikho lokho engifuna ukuba yikho, futhi *mina a*kasikho lokho ebengifanele ngibe yikho, kodwa noma kunjalo angisikho lokho engangivame ukuba yikho."

73 Ngakho, ngicabanga ukuthi yileyondlela iBandla elingahle likwazi ukukusho, kulobubusuku. Singahle singabi yilokho esifuna ukuba yikho, futhi singahle singabi yilokho esifuna ukuba yikho, kodwa, nalokho ebesifanele sibe yikho, kodwa siyazi kukhona okwenzekile, asisikho lokho esasivame ukuba

yikho. Ngiyakwazi lokho, ngoba wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Kukhona okwenzekile, futhi siyakwazi, kukhona okwenzekile phansi ezimpilweni zethu, lokho kusenza iNzalo ka-Abrahama, ngoba sikuKristu.

74 Manje, iNzalo yakhe, manje, uJesu washo ngeNzalo, Washo lokhu, ukuthi "Bekungangcono kakhulu ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho, futhi waminza ezinjulweni zolwandle kunokuba ngisho ukhubekise iNzalo ka-Abrahama. Omncinyane walaba abakholwa yiMi, kuyoba yi. . ." Futhi uNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Okubusisayo, Ngizobabusisa; futhi noma ubani okuqalekisayo, Ngiyabaqalekisa."

75 Manje, kamuvanyana evikini manje, ngizothola *UPhawu LukaNkulunkulu NoPhawu LweSilo*, futhi ngihlukanise ubusuku obubili kulokho, ngifuna niqiniseke ukuthi niyakuthola uma ningakwazi. Nizwa amashadi amaningi kakhulu nezinto, kodwa bhekisisani ukuthi kulula kanjani lapho iBhayibheli likukhipha, ukuthi nje kulula kanjani ukukubona, futhi manje, ukuhambisana nokuphikisana kwakho.

76 Manje, uma nizoqaphela, Washo ukuthi Uyobusisa lowo u-Abrahama. . .owabusisa u-Abrahama neNzalo yakhe uyobusiswa, futhi Wayezomqalekisa owaqalekisa u-Abrahama. Manje, bhekisisani nje lokho kubantu abangamaJuda, nibone ukuthi kwenzekeni; bhekisisani lokho phakathi kwamaKristu, nibone ukuthi kwenzekeni, njalo ngaleyondlela. Ngakho, niyabo, yena uzonqoba isango lesitha.

77 Asibuyele emuva futhi sithole amanye amadoda eNzalo ka-Abrahama phansi kwesivumelwano samaJuda, bese-ke sikuletha phansi kwabeZizwe, ngenkathi sifakelwe sisuka onyakeni wamaJuda siya onyakeni wabeZizwe, ukuthatha abantu beGama laKhe.

78 Manje, ake sithathe amanye amadoda ayeyiNzalo ka-Abrahama, futhi sibone ukuthi alinqoba yini isango lesitha. Ake sithathe isibonelo, manje, ake sikhulume isikhashana phezu kwe, ngenkathi abantwana bakwa-Israyeli babekade bethunjelwe ezansi bangena eBabiloni. Nakho kufika isikhathi, kuqala, ukuthi kwakufanele kufike ukuthethwa kwecala. Kukhona njalo izivivinyo, kuhlala kumnyama kakhulu ngaphambi kosuku e—emvelweni, futhi uyohlala unezivivinyo ngaphambi kokuba ube nokunqoba; uma kungekho-mpi, khona-ke akukho-kunqoba.

79 Futhi manje, abantwana bamaHeberu ezansi lapho babelethwe endawaneni lapho inkosi yayenze khona i—isimemezelo, ukuthi noma ubani ongeke akhothame kulesisithombe uyophonswa emlilweni wesithando somlilo, isithando somlilo, njalo. Kwase kuthi-ke lapho be. . .*Lokho* kwahlosa enhliziyweni yabo, ukuthi babengezukuzingcolisa,

babezohlala eduze kukaNkulunkulu. Manje, abantwana abathathu bamaHeberu, uShadiraki, uMeshaki, no-Abedinego, babeyiNzalo ka-Abrahama, babenesithembiso sikaNkulunkulu ukuthi iNzalo yakhe yayizonqoba amasango ezitha.

80 Manje, sengathi ngiyabona ngenkathi kuqubuka ukuvivinywa . . . Yini into yokuqala umntwana kaNkulunkulu anayo yokuba abe yisiphephelo lapho kufika ukuvivinywa na? Isikhali esikhulu kunazo zonke, esake sabekwa ezandleni zesintu, umkhuleko. Ushintsha ngisho yonke into, washintsha ngisho nomqondo kaNkulunkulu ngesinye isikhathi. UNkulunkulu watshela umprofethi waKhe ukuba akhuphuke futhi atshele inkosi ukuthi wayezofa. Futhi inkosi yaphendulela ubuso bayo odongeni, yase ithi, "Nkosi, ngiyaKuncenga ukuba unginake, ngihambile phambi kwaKho ngenhliziyo ephelele. Ngidinga iminyaka eyishumi nanhlanu kade." Futhi uNkulunkulu wasindisa impilo yakhe iminyaka eyishumi nanhlanu kade. Umkhuleko uguqula izinto.

81 Khona-ke siyaqaphela-ke ngenkathi lababantwana bamaHeberu beza emhlanganweni womkhuleko ngalobobusuku, "Sizokwenzenjani na?" Kwakufanele kubekhona u—umbuthano, nesinqumo sasifanele senziwe. Akungabazeki bakhuleka ubusuku bonke, nesinqumo saba ngazwi linye, ngoba babethatha isinqumo sokuthi babengeke bakwazi ukubuyela kuNkulunkulu ngesikhathi sokuvivinywa.

82 Bekungeke yini lokho kube kuhle kulolonke ibandla manje na? Lapho isinqumo senziwe, "Ngingaphendukela ezintweni zezwe na? Ngingahamba njengoba bonke behamba na?" Leso sinqumo sifika kuwo wonke umKristu, sifika kuwe nsuku zonke. Sizokwenza kanjani na? Ufanele wenze isinqumo sakho.

83 Futhi benza isinqumo sabo ukuthi, kungakhathaleki ukuthi kwenzekeni, babengeke bamfulathele uNkulunkulu, kunjalo, ngoba babenesithembiso sikaNkulunkulu ukuthi babeyiNzalo ka-Abrahama, futhi babeyazi indawo yabo, futhi bazi ukuthi babemi kuphi. Futhi bayitshela inkosi . . .

Bathi, "Manje," bathi, "sizokuphosa kulesisithando somlilo uma ungamkhothameli lonkulunkulu."

84 Futhi wathi, "Nkosi, phila kuze kube phakade. UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulesosithando somlilo, Uyakwazi ukukwenza, kodwa uma Engakwenzi, sisalokhu singezukusikhothamela lesosithombe. Sesinqumile, sithathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi, futhi sizoma ngeqiniso kukho." O he! Yilokho iBandla elikudingayo.

85 Manje, ufanele uthathe lesosinyathelo sokuqala esifanayo lapho sekuza ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Lapho sekuza kunoma yini uNkulunkulu ayethembisile, thatha isinyathelo sokuqala futhi ume lapho, uNkulunkulu wenza isithembiso. Ubophezelekile esithembisweni saKhe, inqobo

nje uma uyiNzalo ka-Abrahama, Ufanele aphendule. Manje, ungatholi noma yikuphi ukungabaza engqondweni yakho, susa lokho kungabaza. Hlala nje ngqo esiphambanweni manje, buka ngqo kuLowo Owenza isithembiso.

86 Angikaze ngiMbone ehluleka namanje, futhi angikaze ngifunde ngaYe ehluleka, futhi awusoze, ngoba Angeke ehluleke, UnguNkulunkulu. Wenza isithembiso, Wasenza emuva le lapha kuGenesisi, leso yisahluko sembewu, "NeNzalo yakho iyakunqoba isango lezitha." Hhayi *isitha*, *izitha*, bonke, bonke.

87 Manje, lesi sitha sasiyisithando somlilo. Ngakho-ke, sengathi ngiyabona ngalokho kusa . . . Ake senze umdlalo wasesiteji lokhu nje kancanyana. Kubonakala kukuhle ngempela enhliziyweni yami lapho ngibona . . . Niyazi, emva kokuba sebesenzile isinqumo sabo . . .

88 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyezwa, kodwa uNkulunkulu akadingi njalo ukuba aphendule umkhuleko ngaso lesosikhathi. Niyabo? UNkulunkulu uphendula ngesikhathi saKhe uQobo. Uma uMcelile, futhi uMkholwe, khona-ke Uzophendula ngesikhathi saKhe uQobo. Ngakho, ngiyabona eNkazimulweni kwakukhona, ngenkathi bekhuleka, ngiyazibona iziNgelosi zimi zizungeze isihlalo sobukhosi salapho uNkulunkulu ayehlezi khona, ethi, "Basemkhulekweni, bangaphansi kobunzima."

"Ya, kodwa bayobambelela eqinisweni, Ngiyabethemba. BayiNzalo yenceku yaMi u-Abrahama, ngakho-ke bayobambelela ngokweqiniso."

Awu, ngokusa okulandelayo, inkosi ingahle ukuba yathi, "Seninqumile manje ukuthi nizokhothama kunkulunkulu wami na?"

Wathi, "Qhabo, asizukukhothama. Awu, thina nje . . ."

89 Kwavuthisa intukuthelo yakhe kuye, washisisa isithando somlilo ngokuphindwe kasikhombisa kunoma sake sashiswa. Futhi wathatha amadoda amakhulu anamandla, aqala ukwenyuka ukuba awele esithandweni. Futhi lapho bekhuphuka besondela, kwakubukeka sengathi ihora elimnyama lalilapho.

90 Yileyondlela okubukeka ngayo kumaKristu ngesinye isikhathi lapho umuntu othize, inenekazi eliselincane, ngenkathi lincengwe ngumfana ukuthi lithanda ngempela ukuthatha usikilidi walo wokuqala; lapho liphoqwa, mhlawumbe, ukuba lithathe i—isiphuzo salo okokuqala, libe notshwala obuxutshiwe bokuqala ephathini kabasi elimsebenzelayo; noma indoda enonkosikazi nomndeni ekhaya, lapho owesifazane onesimilo esibi ezama ukuthandana nayo, unalezozithiyo esangweni, kodwa uma nje uzo, kubukeke sengathi uNkulunkulu ukushiyile, kodwa nje ulokhu uhamba unganyakazi, Mbhekisise, ulokhu uqhubeka nje.

91 Futhi bahamba bakhuphuka ngqo. Futhi, niyazi, yithina esithola ukwethuka. Kuthiwani ngawe, wemukela ukuphulukiswa kwakho ubusuku nobusuku na? Awu, ucabanga ukuthi, "O," kusasa, "Ngi—ngi—ngisakhwehlela. Isandla sami sisakhubazekile." Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Lapho unokuthi ngempela, ngokweqiniso, kusukela ekujuleni kwenhliziyo yakho ukwamukele lokho njengomsebenzi osuqediwe uKristu akwenzela wona, sekuphelile, yilokho kuphela kwakho. Yebo, mnumzane. Hlala nje nakho ngqo.

Manje, baqhubeka nokuhamba, ngiyabona uShadiraki ebuka ngale kuMeshaki, wathi, "Uqinisekile ukuthi sikhuleke saqeda na?"

"O, ya."

92 Baqhubekela phambili ngqo, isithando somlilo siya ngokushisa kakhulu ngokushisa kakhulu, kwaze kwacishe kwayobuka isikhumba ebusweni babo. Ngisho neBhayibheli lasho ukuthi amadoda abaphosa phakathi lapho, ukushisa okunamandla kwalesosithando kwabulala amadoda abaphosa phakathi. Kwakubukeka sengathi kwakuyihora elimnyama kunawo onke, bahamba benyukela ngqo onqenqemeni lwesithando.

93 Kodwa, niyazi, ngezinye izikhathi uNkulunkulu ukudedela kufinyelele ngaleyondlela ukuba akuvivinye. Awusoze. . . U-Abrahama wayengeke anqobe isango lesitha aze avivinywe kuqala. Futhi awusoze wanqoba isango lesitha uze wedlule ezivivinyweni. "Abanye badabula emanzini, abanye kozamcolo, abanye ezivivinyweni ezijulile, kodwa bonke ngeGazi." UNkulunkulu uhola abantwana bakhe. Niyabo, ufanele kuqala uvivinywe.

94 O, khona-ke ivezandlebe liwela ekuvivinyweni, kodwa umntwana weqiniso kaNkulunkulu uma eqinisile. Uyazi lapho okungokwakhe kulele khona, uyazi lapho emi khona, uyazi ukuthi kwenzekeni kuye, uyazi ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi uyazi ukuthi uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko.

95 Manje, siyababona benyuka, lesisinyathelo esisodwa nje ekungeneni esithandweni somlilo, kwakubukeka sengathi babehlulwe ngokuphelele.

Kungahle kube phansi. . .Ngilubonile udaba lomdlavuza lufika cishe ekuphefumuleni kwabo kokugcina.

96 Umfowethu olele enesifo samathambo, muva nje, ubenezandla zakhe zilele *kanje*. UMoya oNgcwele wamtshela, wathi, "ISHO KANJE INKOSI, usuphulukisiwe."

97 Waya ekhaya futhi waba mubi kakhulu. Wathi, "Ngeke ngakuvimba, leyondoda yayingangazi, ayikaze ingibone empilweni yayo." Wayehlala ePhoenix. Wathi, "Ayikaze

ingibone empilweni yayo. Wayengangitshela kanjani ukuthi ngangingubani na? Ngiyazi ngenkulumo yendoda, ayisiye uthisha. Ngiyazi ukuthi kwakukhona *into ethize* engaphezu kwemvelo. Futhi ngi . . . kukhona okwenzekile."

Babengakwazi ngisho nokunyakazisa umqamelo, ngenkathi behambisa umqamelo wezandla zakhe, wayethi, "O, nkosikazi, nkosikazi, qaphela!" O, ememeza nje.

Futhi wathi, "S'thandwa, awesabi yini ukuthi uletha ihlazo phezu kwayo impela inkolo esiyikholwayo na?"

Wathi, "Ngingeke! Ngiyakukholwa enhliziyweni yami ukuthi kuzokwenzeka."

98 Futhi kwaba kubi kakhulu, walala ngemuva, nentombazanyana yakhe yayizama ukubeka indwangu emanzi ebusweni bakhe, wazizwa equleka, futhi wabheka phezulu lapho, futhi wathi ubone uKristu eza phambi kwakhe esiphambanweni. Futhi wathi, ngenkathi Ekhothamisa ikhanda lakhe ukuba afe, wacabanga ukuthi umoya wakhe wawuhamba, akabange esakwazi ukuphefumula, isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba sasidabule kuye wonke, futhi ngenkathi ekhothamisa ikhanda lakhe ukuba afe, ubone uKristu ekhothamisa ikhanda laKhe lapho, khona manjalo wagxuma kakhulu, futhi waphuma esihlalweni, futhi wazungeza futhi wazungeza futhi wazungeza indawo wahamba.

Futhi lokho, ngani na? Walinqoba isango ngenkathi Edlula ekuvivinyweni. Kodwa kuqala, ufanele unqobe . . . ufanele uthathe ukuvivinywa.

99 Abantwana bamaHeberu wayekuleyondawo. Ngezinye izikhathi sicabanga ukuthi kumnyama ngempela, kodwa khumbulani, kusebumnyameni obedlula bonke behora lapho uJesu edlula.

100 KwakunguMariya noMarta, odadewabo abancane bakaLazaru, umndeni wamaKristu wawususukile esinagogeni lapho ukuyokholwa eNkosini uJesu, futhi kwakuyihora labo elimnyama kunawo onke.

101 Baphuma ebandleni labo, ababange besakwazi ukubuyela emuva, noma ubani owayezisho ukuthi ungumlandeli kaJesu wayexoshwa ebandleni ngoba Wayeyi—ishinga, Umuntu othize ehambahamba edabula amabandla abo. Futhi babengakufuni lokho, ngakho bathi, "Noma ubani ozama ukumlandela, ngani, sizonikhipha enhlanganyelweni." Ngakho babengaphandle kwenhlanganyelo. Futhi abakwazanga ukubuyela ebandleni, baba ngabakholwa okuphambene nokukholwa okuyikho.

102 Kwase kuthi-ke, yena impela uMuntu abamphumela, iNkosi uJesu, yena impela uMuntu abamphumela, bathumela kuYe ukuba eze akhulekele umfowabo ngenkathi elele, ebulawa ukopha, futhi ba . . . Wala ukuza. Bathumela okwesibili, futhi

Wala ukuza. O, ihora lalimnyama kanjani ngaleyonkathi! Ekugcineni, ihora laphakathi nobusuku liyafika, lashaya, nomfana wafa. Bamfaka ethuneni, wayeselapho izinsuku ezine, ukubola kwase kuvele kuhleli emzimbeni wakhe. Izibungu zesikhumba kwakukuye, izilokazana ezivela emhlabathini zazihuquzela zingene enyameni yakhe, ihora elimnyama kunawo onke abake balibona, kwakungalesosikhathi ngenkathi uJesu edlula, ngalelohora elimnyama nje.

103 O, owesifazane o, washo esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham," ngangikhuluma ngokuvusa uLazaru, wathi, "Awuqondile uku . . . Uqhosha kakhulu ngoJesu engonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu, yebo."

Wathi, "Awu, ngizofakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho ukuthi wayengesuye."

Ngathi, "Yana kukho."

Futhi wathi, "Awu, isahluko 11 sikaJohane oNgcwele sathi waya ethuneni likaLazaru, wakhala izinyembezi."

104 Ngathi, "Lokho aku—lokho kwakungahlangene ngalutho nakho, Wayeyikho kokubili umuntu noNkulunkulu." Ngathi, "Wayengumuntu, qiniso, ngenkathi Ekhala izinyembezi, kodwa ngenkathi Emi eceleni kwethuna lomuntu owayesefe izinsuku ezine, nekhala lakhe selivele liwele phakathi, izilokazane zidla emzimbeni wakhe, wathi 'Lazaru, phuma,' lokho kwathatha okungaphezu komuntu." Yebo, mnumzane.

105 Wayengumuntu ngenkathi Ehla esuka entabeni ngalobobusuku, eqalaza ecinga okuthile angakudla kulesosihlahla somnqumo, futhi abatholanga lutho lapho, Wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nophisi ababili bezinhlanzi futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, yebo, mnumzane, lowo kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu. Yebo, mnumzane.

106 Wayengumuntu elele phandle lapho ngemuva kwalowomkhumbi omncane ngalobobusuku, odeveli, izinkulungwane ezingamashumi amane zabo, zolwandle, bafunga ukuthi babezoMminzisa, lowomkhumbi omdadlana njengesivalo sebhodlela phandle lapho, ugxumagxuma, udeveli wathi, "Simtholile manje, ulele. Sizomminzisa." Wayengumuntu, ekhathele futhi ekhandlekile, elele ngaphandle ngemuva kwalesosikebhe lapho, enomqamelo ndawondawo, elele. Kodwa, mfowethu, lapho Eke wavuka, o he, wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa yesikebhe, wabheka phezulu, wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu.

107 Kwakungumuntu owakhalela umusa esiphambanweni, kunjalo, "Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Wafa ekhalela umusa, kunjalo. Kodwa ngalokho kusa kwesithathu, ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, wabuye wavuka ngosuku lwesithathu, wayesenyukela Phezulu, Wayengaphezu komuntu.

108 Wonke umuntu oke wafinyelela kunoma yini wakukholwa lokho. Kunjalo. Izimbongi, ababhali, abaprofethi, noma yini okunye, kholwani lokho.

109 Manje, abantwana bamaHeberu, bedlula ekuvivinyweni kwabo, base beze ngqo kwaze kwaba semzuzwini wokugcina, base belungele nje ukungena esithandweni. Niyazi ukuthini? Ngezinye izikhathi sibuka izinto zenzeka lapha emhlabeni, kodwa kukhona okwenzekayo eZulwini ngaso sonke isikhathi esifanayo. Singahle singakwazi ukukubona, kodwa kuyaqhubeka, noma kanjani. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.)

110 Asiphendulele ikhamera yethu manje ngaseZulwini. Sengiyambona uJesu ehlezi esiHlalweni sobukhosi, sekusa, intuthu ikhuphuka le ezibhakabhakeni ivela esithandweni, ngiyaMbona ehlezi lapho ebukela phansi, ebuka ukuthi bazokwenzani. Yilokho Akwenzayo kuwe nami lapho sivivinywa. Wethembisa ukuthi iNzalo ka-Abrahama iyonqoba isango lesitha, ngiyakukholwa lokho.

111 NgiyaMbona ebhekisisa, khona manjalo, iNgelosi enkulu yenyukela ngakwesokudla sayo, ishaya isaluthi, yabeka isandla sayo enkembeni yayo, uGabriyeli, yathi, "Baba, Ubukile phansi lapho na? BayiNzalo ka-Abrahama. Bayiyo, bayakholelwa kuWe, bakhuleke ubusuku bonke, futhi baya ngqo ekufeni kwabo. Mangehlele lapho, ngizoshintsha inkundla." Ngikholwa ukuthi ubengakwenza. Kunjalo.

Wathi, "Kunjalo, Gabriyeli. UyiNgelosi enhle, yima lapho nje."

112 Nakhu kukhuphuka enye, igama layo nguMhlonyane, uyi—yiNgelosi phezu kwawo onke amanzi. Ngiyayibona ima ishaya isaluthi, yathi, "Baba, Ubukile phansi eBabiloni na?"

"Ya, Ngibabhekile ubusuku bonke." O, iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa. "Ngibabhekisise ubusuku bonke."

113 "Balungiselela ukushisa amadoda amathathu phezulu ezansi lapho kulokhu ukusa, iziNzalo zika-Abrahama eKuthathe ngeZwi lakho, futhi emi iyiqhawe kukho. Uyazi ngesinye isikhathi Wangitshela ukuba ngidedele onke amanzi. Nginokulawula, Ngivumele ngehle, ngizoligugula iBabiloni lisuke ebalazweni." Wayengakwenza.

114 SengiyaMuzwa ethi, "Kunjalo, Mhlonyane, uyiNgelosi emangalisayo. We—wenza khona impela nje konke eNgikutshele

ukuba ukwenze selokhu wadalwa. . . Ngakudala. Wakwenza, nawe, Gabriyeli. Kodwa niyazi, Ngiyehla Mina uqobo, lona ngumsebenzi waMi." O he!

115 Lapho nje sebelungele, bathathe isinyathelo sabo sokugcina, sengiyaMbona esukuma, izingubo zaKhe zobupristi ziqathakela ngakuYe lapho Ehlezi khona kulobubusuku. ZineGazi, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, ngokuba Wafa ukuba afeze noma yini esiyicelayo. Kukuphi ukukholwa kwethu kuYe na?

116 Nango Esukuma, eqhweba nga*leyo*ndlela, futhi nakhu kuza elikhulu, kufika ifu elimhlophe, ukhwela kulo, ubiza umoya wasempumalanga, umoya wasenyakatho, umoya waseningizimu, nomoya wasentshonalanga, ukuyigibela njengamahhashi, ufinyelela phezulu, ubamba umbani omazombezombe, awuqhekeze ezibhakabhakeni. Ngaphambi kokuba baze bangene lapho, Wayesesithandweni somlilo kanye nabo.

117 Wama phakathi lapho nenkulu, ifeni yesundu isuswe lapho ndawondawo yoMuthi wokuPhila, ephephetha amalangabi omlilo asuke kubo *kanjalo*, Wathi, "BeNgifuna nje ukukuxoxisana nani bantwana. Ngiyazi ukuthi niyiNzalo ka-Abrahama, Nganikeza isithembiso, futhi Ngilapha ukuba ngiphendule, wozani lapha," esusa amalangabi omlilo, o, yebo.

Bavula, wathi, "Bangaki enibafakile lapho na?"

Bathi, "Bathathu."

118 Wathi, "KunoMunye futhi phakathi lapho, futhi Ubukeka njengeNdodana kaNkulunkulu." Wayeyiyo. Kungani na? Bona, emva kokuba sebevivinyiwe, balinqoba isango lesitha. Amen.

119 UDanyeli walethwa entweni efanayo emva kokuba esebekwe esivivinyweni ukuthi wayezokhuleka noma qha. Waphakamisa amakhethini emuva, waphosa phezulu izivikelo, futhi waguqa phansi futhi wakhuleka, njengoba nje wayehlale enza. Yebo, mnumzane. Wakhuleka njengoba nje wayehlale enza. Futhi kwenzekani na? Bedlula ekulingweni.

Bathi, "Sizokuphakela izingonyama," futhi zazikade zilambisiwe amaviki.

Wathi, "UNkulunkulu wami unamandla okungikhulula kulezozingonyama."

Kodwa emva kokuba esedlule ekulingweni, kwenzekani na? Wanqoba isango lesitha. Ngani na? Wayethembekile kuNkulunkulu.

120 UMose, emva kokuba kade ethembekile kuNkulunkulu, wedlula ezivivinyweni, futhi waletha abantwana bakwa-Israyeli ngqo endleleni yezinyawo yomsebenzi, yonke imvelo yamemeza kakhulu ngokumelene nakho, lapha kwakuyizintaba ohlangothini olulodwa nezingwadule, impi kaFaro ilandelana, noLwandle oluBomvu lwabavimba. Ngani, babevalelekile!

Kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wayeyindoda empofu yezempi, ukubafuqela ngqo kulelokhona lapho futhi abadedele babhubhe.

121 UNkulunkulu uyathanda ukwenza lokho. UNkulunkulu uyathanda ukukhombisa isandla saKhe sinamandla. Yebo, Uyakwenza. Uyathanda ukukhombisa amandla aKhe. Ulindile kulobubusuku ukunikhombisa khona, ukuthatha lesosoni futhi asiphendule, athathe lowo wesifazane onodumo olubi futhi amshintshe abe ngomesabayo uNkulunkulu, owesifazane ongcwele, athathe leyontombazane ethathe umgwaqo ongalungile, lowomfana umgwaqo ongalungile, ababuyisele endaweni, futhi enze amadodana namadodakazi kaNkulunkulu ngabo.

122 Uselungele ukuthatha leyondoda ebulawa ngumdlavuza, leyo enenkathazo yenhliziyo, leyo ephuphuthekile, leyo ehluphekile, uma nje ezobeka ukukholwa kwakhe phakathi lapho ukuyiphendula isuke ekufeni iye ekuphileni, ayiqalise ngobufakazi.

123 Ulindele ukukwenza, Ukufaka ngqo ogibeni ukubona ukuthi wenzani. Wababeka phansi ngqo kulologibe lapho, kwakubukeka sengathi imvelo qobo lwayo yayifihla ubuso bayo. Yebo.

Omunye umbhali washo ngesinye isikhathi, ukuthi ngenkathi bengena kuleyondawo, bayamangala ukuthi uMose wayezokwenzani. Babenomyalo owodwa, “Hambani niye phambili.”

124 Uma usemgqeni womsebenzi, akunandaba ukuthi yini ehlala endleleni, izehlakalo ezinkulu ukwedlula zonke engake ngaba nazo ngukukhuphuka ngimelane nento engingeke ngikwazi ukweqa kuyo, noma ngaphansi kwayo, ume lapho nje futhi ubhekisise uNkulunkulu enza indlela kukho. Yileyondlela yokukwenza, unyakaze nje, ulokhu unyakaza, ucindezele ikhala lakho kukho. Qhubeka nje uqhubeke, qhubeka nje, uNkulunkulu uzokwenza indlela.

Endala, indoda eyikhaladi ezansi eningizimu iphethe iBhayibheli, bathi, “Uliphatheleni leloBhayibheli, Mose na? Awukwazi ukufunda.”

Wathi, “NgiyaLikholwa.”

Bathi, “Awu, wazi kanjani—kanjani ukuthi liqinisile na?”

Wathi, “Awu, kungukuthi, ngiyalikholwa kusukela e*khaveni* kuya e*khaveni*, ne*khava* futhi.” Uthi, “Libhalwe iBhayibheli eliNgcwele kulo.”

Wathi, “Ngiqagele uyakukholwa konke lokho okuphakathi lapho na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

“Ngiqagele uyakholwa noma yini uNkulunkulu abengakutshela ukuba uyenze, ubuyokwenza na?”

Wathi, “Ngiyokwenza.”

Wathi, “Ukuba-ke Ubengakutshela, gxume udlule kulolodonga, lolodonga lwamatshe na? Uzodlula kanjani lapho na?”

125 Wathi, “Uma Ubengangitshela ukuba ngigxume, bengizogxuma, Ubeyovula imbobo lapho ngifika lapho.” Ngakho kunjalo. Ngakho yileyonto ofanele uyenze, ngukuthatha uNkulunkulu, futhi uLikholwe, futhi ugxume, noma kanjani.

126 Uma wazi ukuthi ubungakuchaza, ukuqonde, khona-ke bekungeke kusaba ukukholwa. Ukukholwa kwakho yilokho okukholwayo ukuthi Ukwenzele khona. “Nokukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Awukuboni, awukwazi ukukufanisa. Ayikho indlela yokufanisa uNkulunkulu, ufanele nje uMkholwe, futhi uqhubeke uhamba. Washo njalo.

127 Ngima kanjalo-ke epulpiti ngemibono. Yilokho. . . Ungitshela ukuba ngihambe ngenze izinto ezithile ezibonakala zingenakwenzeka ngokobuntu, futhi nonke niyakwazi lokho, ngokobuntu akunakwenzeka, kodwa Wathi kwenze, qhubeka nje, NguYe ozokunakekela, futhi Uzokwenza. Yebo. Umkhulu kangaka!

128 Ngenkathi uMose ebhajwe kulendawo lapha, manje, usemgqeni womsebenzi ngqo, khona impela emgqeni womsebenzi, uNkulunkulu wamholela ezansi ngqo lapho. Uzokwenzani na? ULwandle oluBomvu, ugibe lwabekwa ncamashi, kodwa uMose wavele wamasha waqhubekela phambili.

129 Omunye umbhali, ngiyakholwa, wathi uNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo ngamehlo athukuthele, wabuka phansi kuloloLwandle oluBomvu olwaluzama ukunquma abantwana baKhe emgqeni womsebenzi, futhi wathi ulwandle lwesaba, futhi lwagingqikela emuva, futhi nje lwabenzela indlela yezinyawo.

130 Awu, uma Wayengabuka ngeNsika yoMlilo futhi enze lokho, kwakuyokwenzani lapho Ebuka ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo kumvumi omi lapho, nesithembiso uNkulunkulu afunga ukuthi Uyosinakekela, futhi wafunga ukuthi Uyokwenza, ukuthi iNzalo yaKhe ka-Abrahama ifanele inqobe amasango esitha na? Impela. Ubophezelekile ukukwenza ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo ebekwe esihlalweni somusa, kulobubusuku. O, uma besingasuka kulemibono eboshelwe emhlabeni, futhi sibheke phezulu ngaleya, sibone ukuthi Ubani owenza isithembiso, yena impela uNkulunkulu wokudaliweyo! Yebo.

131 UJoshuwa, futhi, emva kokuba wayekade enokuvivinywa eKadeshi, uyabuya, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye abefundisi athi, "Ngeke salithatha."

132 UJoshuwa wathi, "Sinamandla okulithatha," yena noKalebi. Futhi kwakunguye kuphela ababili kubantu abayizigidi ezimbili nengxenye abawela. Wenzani na? Wehlela eJordani, lalimbambile ngaphandle kwezwe lesithembiso, kodwa walinqoba isango lesitha. Kungani na? Ngoba wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, wayekade enokuvivinywa, futhi wakukholwa, Wayazi ukuthi uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, ngakho wanqoba isango lesitha.

Bengingaqhubeka ngiqhubeke, kodwa sengiseqile isikhathi.

133 Onke lamaqhawe amakhulu, onke, enze izinto ezinkulu, a—a. . .izimangaliso ezinkulu, futhi azulazula embethe izikhumba zezimvu, ezingwadule, futhi eswela, futhi amanye asahwa ahlukaniswa, nazo zonke izinto ezehlukene. Njengoba amaHeberu 11 esho, onke lamaqhawe amakhulu onke ehla ukuba afe, onke ehlela ukuba afe, kodwa ngoluny'usuku, ngolunye usuku olukhazimulayo, leyoNzalo yobuKhosi ka-Abrahama iyafika, izalwa yintombi. Yebo.

134 Ngenkathi Ehamba emhlabeni, WayeyiNzalo ka-Abrahama yeqiniso. Wahamba emhlabeni, Wanqoba isango lokugula labantu, Wanqoba isango lokuhlupheka. Konke A. . .Ensimini yaseGetsemane, egcekeni ngalokho kusa, Wanqoba amasango okulingwa. Phezu kweNtaba yokuGuqulwa isimo, lapho WaZifakazela.

135 Ngenkathi udeveli eMenyusela kwenye intaba, Wanqoba amandla phezu kwesitha ukukhombisa ukuthi Wayengakwenza. "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, phendula lamatshe abe yisinkwa."

136 Wayengadingekile ukuba akwenze, Wathi, "Kulotshiwe, akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso." Wathatha iZwi likaNkulunkulu ngoba WayeyiNzalo yeqiniso ka-Abrahama, futhi wazuza zonke izibusiso uNkulunkulu ayezithembisile. Yebo, mnumzane.

137 Wama lapho phansi kokulingwa, wathi, "Bengingakhuluma masinyane kuBaba waMi, futhi UbeyoNgithumelela olegiyona abangamashumi amabili beziNgelosi." Yini oyedwa abengayenza na? Olegiyona beziNgelosi abangamashumi amabili, babengakuguqula uma babefuna. Kunjalo. Kodwa Wadingeka ukuba alingwe ngazo zonke izindlela njengoba sinjalo. Emi lapho nentshebe egcwele izandla idluthulwe ebusweni baKhe, neGazi nokubhuqa, isikhwehlela esidakiwe esivela emasosheni silenga ebusweni baKhe.

138 Babeka indwangu phezu kwekhanda laKhe *kanje*, futhi baMshaya phezulu ekhanda ngomhlanga, bathi, "Manje uthe ubungumprofethi, ungafunda umqondo wabantu, sitshele

ukuthi ubani okushayile. Sitshele ukuthi ubani okushayile." Wayengakwenza, kodwa Ubeyobe elalela udeveli. Wanqoba isango lesitha, Wamela ukulingwa. O Nkulunkulu, ngaLowo onjalo! Kunjalo.

139 Khona-ke ngenkathi Efa ngaleya esiphambanweni, isihogo sathatha uMphefumulo waKhe oyigugu. IBhayibheli lathi uMphefumulo waKhe wehlela esihogweni. Kunjalo impela. Isihogo sathumba uMphefumulo waKhe, futhi saMehlisela lapho. Kodwa mfowethu, ngalolosuku lwesithathu Wanqoba amasango okufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka ngosuku lwesithathu, wakunqoba konke. Wathatha ukugula, ukufa, isihogo, ithuna, nakho konke.

140 Ngikholwa ukuthi Wadluthula isango lathi ngqu laphuma emahinjini awo, wayesewakhipha, wakhuphukela Phezulu, wenyukela Phezulu. Futhi, kulobubusuku, ningaphezu kwabanqobi. INzalo yaKhe iyakunqoba amasango esitha. Yebo, mnumzane. Wanqoba onke amasango, Wanqoba konke ukugula, Wanqoba sonke isono, Wanqoba zonke izilingo, Wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo, Wanqoba ithuna, Wanqoba isango lakho konke. Futhi thina kuYe singaphezu kwabanqobi, lapho sisekuYe, ngoba Wasinqobela. O, besiyoke sazi ukuthi leyoNzalo ka-Abrahama yeqiniso yayiyini, ukuthi ngempela yayisho ukuthini kithi!

141 Udeveli waMngabaza. Udeveli, lowo ngesinye isikhathi wayekade enowuli, njengoba sikubiza kanjalo, udonselwe phansi phezu kwamehlo akhe. Ngenkathi eMenyusela entabeni, njengoba bengikhuluma ngaye emizuzwaneni embalwa edlule, wathi, "Kungenzeka yini lokho na? Leyondoda ingumprofethi nje. Ingaba yiNdodana kaNkulunkulu na?" Wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu," wakhombisa ukuthi wakungabaza, "uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yala lamatshe ukuba abe yisinkwa, ngoba ulambile, kade uzile ukudla izinsuku ezingamashumi amane, yidla."

UJesu wathi, "Kulotshiwe, akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso."

142 WaMyisa esiqongweni sethempeli, wathi, "Zilahle phansi, ngoba kulotshiwe, Yena uyoyala iziNgelosi ngaWe, funa noma nini, uqhuzuke ngonyawo lwaKho etsheni, ziyakuKuthwala."

Wathi, "Yebo, futhi kulotshiwe futhi . . ." Yonke into, Wahlangana naye ngeZwi likaNkulunkulu, ngoba WayeyiNzalo ka-Abrahama yeqiniso.

143 Wanqoba onke amasango okulingwa. O, Wakwenza kanjani! WayenguMuntu, WayenguMuntu njengawe, njengoba nginguye. Wayenelungelo lokuganwa, Wayenelungelo lokuba nekhaya, Wayenelungelo ezintweni esinazo, Wayenelungelo lokuba nezingubo zokugqoka. Wayengakwenza, uMuntu owayengaphendula amanzi abe yiwayini, owayengazi

lapho uhlamvu lwemali lwalusemlonyeni wenhlanzi, ngani, Wayengumnikazi wamazulu nomhlaba, kodwa nokho Wazithiba kulezozinto.

144 Amazwi amnandi kunawo onke eBhayibhelini ngenkathi Ethi, “Baba, NgiyaZingcwelisa ukuze Ngibangcwelise.” Wayezama ukwenzani na? Ukubeka isibonelo. Wayethumela indoda ayishumi nambili neVangeli elalizonqoba izwe, futhi Wethembele kuwe nami ukuba sikwenze. Uma Wayengazingcwelisa Yena uqobo kanjalo, ngani, besifanele sibeke eceleni konke ukwehluleka, nakho konke ukungabaza, nakho konke okunye, futhi sizingcwelise! Ngokuba siyiNzalo ka-Abrahama ngaYe, esingaphezu kwabanqobi ngaYe. Yebo.

145 Wayenelungelo lokuganwa, Wayenelungelo lokuba nekhaya, Wayenelungelo lokubeka ikhanda laKhe emqamelweni, kodwa “Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zinezidleke; futhi iNdodana yomuntu ayizange ibe nendawo yokucamelisa ikhanda layo.” Ngani na? “Ngiyazingcwelisa, Baba, ngenxa yabo, Ngiyakwenza.”

146 “Ngenxa yabo,” hhayi ngoba Wadingeka, kodwa “ngenxa yabo,” Wanqoba zonke izitha.

147 Emi lapho endlini yenkantolo ngalolosuku, noma, igceke, ngenkathi Wayekade equliswe icala futhi wamangalelwa ngamanga, into kuphela abayithola imelene naYe kwakungukwephula usuku lweSabatha, Wathi, “NgiyiNkosi yeSabatha,” futhi Wayeyiyo. “EZenza uNkulunkulu,” futhi WayenguNkulunkulu. Futhi lapho, zonke lezo zinsolo zamanga nezinto, nofakazi bamanga ababenabo ngokumelene naYe. Ekugcineni, washaywa ngomvimbo omkhulu izimbambo zaKhe zaze zabonakala, nengubo encane Ayeyifakile emhlane waKhe, bayikhumula, baMshayela esigxotsheni. Kwakuyini na? Leyo kwakuyiNzalo yobuKhosi yeqiniso ka-Abrahama.

Yilapho esimi khona, kulobubusuku:

> Ukukholwa kwami akwakhelwe phezu kwalutho olungaphansi
> KuneGazi likaJesu nokulunga;
> Lapho nxazonke umphefumulo wami umuka,
> Khona-ke UyiThemba lami lonke nokuHlala.
>
> Ngokuba kuKristu, leloDwala eliqinile, ngimi;
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo,
> Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

Yilapho engithatha khona ithemba lami, khona lapho kuleloDwala eliqinile.

148 INzalo ka-Abrahama, Wanqoba onke amasango, ngisho nasekufeni nasesihogweni. Mbone lapho. Wayenokubhuqa . . .

Lowo wesifazane ezama ukugeza izinyawo zaKhe futhi. Wabeka indwangu ebusweni baKhe, wayesethi, "Uma ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa."

Esiphambanweni bathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla, futhi sizokukholwa."

Babengeke baMkholwe noma kanjani, akunandaba ukuthi Wenzeni; Wayengenandaba nabo.

149 Ake siMbuke kancane kulokhu ukusa, noma, kulobubusuku. Kwakungukusa okwesabekayo ngalokho kusa. Sisemuva ekamelweni. Asithi nje, ngizothatha lelibandla, ngifuna nibuke into ethize. Ake siye ngale efasiteleni, ngizwa isixuku esihhewulayo. Yini indaba na? Phakamisa ikhethini futhi ubuke ngaphandle. Ngizwa into ethize ibhampa, yehla ngomgwaqo. Kuyini na? Isiphambano sihuduleka, ngokuzungeza sehla nomgwaqo, *ubugqugqugqu*, phezu kwalawomatshe amadala asambulunga okwakha, senyukela eGolgotha. Leyo yiNzalo ka-Abrahama, nakho kuhamba u-Adamu wesibili.

150 Ensimini yase-Edene ngenkathi uNkulunkulu wayenakho, ebungcweleni baKhe, futhi ethembekile eZwini laKhe, ngenkathi u-Eva no-Adamu babenze okubi, ngenkathi uNkulunkulu, qobo lwaKhe, egijima ehla enyuka ensimini, empompoloza, "Adamu, Adamu, ukuphi na? Ukuphi, Adamu?" Uma umuntu efuna ukwazi lapho. . . Lendoda yayingubani, uJesu, Wayengubani Owayeza ezingela indodana yaKhe yokuqala elahlekile na? Ngabe uNkulunkulu wathumela iNgelosi na? Ufika Yena uqobo, Wafika Yena uqobo, Ufika kanjalo-ke. Ufuna ukuthatha. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

151 . . . ubulungiswa. Uma bungekho ubulungiswa, akukho-mthetho. Uma ungenabo ubulungiswa. . . ukwahlulela okuzohambisana nakho, asikho isidingo sokuba nomthetho. Kusizani ukuba nomthetho othi, inhlawulo yamadola ayishumi ukweqa ilambu elikumisayo, bese-ke unga. . . uthi, "Ungeqi ilambu elikumisayo," futhi akukho nhlawulo emva kwakho, akukho nhlawulo okufanele uyikhokhe, akukho ukwahlulelwa na? Ngaphandle kokwahlulela, abukho ubulungiswa. Ngakho ubulungiswa babungukufa, ngakho kwakuyiyonanto kuphela Ayengayenza.

152 Kwase kuthi-ke ngenkathi Esebone u-Eva emi lapho, lowo wesifazane omncane omuhle, leyondoda yangempela eyisidlakela imi lapho, lezo ezinkulu, imisipha enamandla, negazi ligobhoza ezingalweni zakhe kulesosikhumba esidala semvu esinegazi, u-Eva omncane emi lapho, owesifazane omuhle kunabo bonke owake waba sezweni, ngoba wadalwa ngesandla sikaNkulunkulu uQobo, amehlo akhe ayenjengezinkanyezi zezulu. Wayengazidingi izinto zikaMax Factor ukumenza abe muhle, futhi lapho esekwenzile, ngale *kanje*, futhi nango

wayemi lapho, igazi ligijima lehla emzimbeni wakhe omncane omuhle, emi lapho, ebuka ebusweni bukaNkulunkulu, kulokho kuKhanya okukhulu, kulenga lapho kulawomasundu, "Suka eBukhoneni baMi."

153 Manje, bhekisisani u-Adamu lapho eqala ukuhamba, futhi emilenzeni yakhe izikhumba zezimvu ezindala ezinegazi, zishaya *kanjalo* emilenzeni yakhe, Wayengenakukumela, UnguBaba, wathi, "Umzuzu nje, Ngizobeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka."

154 Kwakukuphi na? Nakhu kwakuseKalvari. Nangu Enyuka, lo-Adamu wesibili, uNkulunkulu qobo lwaKhe uyehla futhi wenza umuntu, enyuka igquma.

155 Udeveli njalo wayelizonda leloZwi, kodwa lokho kunjalo. Yebo, mnumzane. Wayengaphezu komprofethi. Abantu namhlanje nalenkolo yenhlaliswano, ethi uJesu, "Indoda elungileyo nje, i—isazi sokudabuka kwezinto, kuhle ukuzwa izimfundiso zaso."

156 Uma Wayengesuye uNkulunkulu, uma lelo kwakungesilo iGazi lika-Emanuweli, khona-ke Wayengumuntu njengoba nginguye, kunjalo, futhi silahlekile. WayenguNkulunkulu. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, wasibekela uMariya futhi wadala iNgqamuzana leGazi elaveza, hhayi igazi leJuda, hhayi igazi labeZizwe, kodwa iGazi likaNkulunkulu uQobo. Igazi livela ebulilini bowesilisa, leli yiGazi elidaliwe, akukho-cansi kulo nhlobo. Futhi lowo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe, ehamba, enyuka igquma lapho.

157 Ake siMbuke, Wayenengubo encane ende ephonswe emahlombe aKhe, yayilukwe yonke ingenamthungo. Ngiyaqaphela lapho Ehamba, ngiMbuka ngokukholwa, ngiMkhombisa kini nonke ngokukholwa, kukhona amachashaza amancane abomvu yonke indawo ngemuva kwalelobhantshi. Yini eyenza lokho kube kanjalo na? Lapho Eqhubeka ekhuphukela emgwaqeni, nesiphambano sihlikihla ehlombe lakhe, ngiyawaqaphela lawomachashaza amancane aqala ukuba makhulu ngokuba makhulu. Ayini na? Yini indaba na? Khona manjalo onke aba ngokukodwa okukhulukazi, ukuchaphazeka okunegazi. Khona-ke ngizwa enye into ishaya emlenzeni waKhe, u-Adamu wesibili, enyuka igquma nengubo enegazi ishaya emlenzeni waKhe.

158 Niyazi, uSathane wathi, waqalaza, wathi, "Uyazi ukuthini? Angikholwa ngisho nokuthi ungumprofethi manje. Ngiyazi ukuthi ngeke kwaba nguNkulunkulu, uNkulunkulu akasoze aziphatha kanjalo, adedele lesosigejane esibhuqayo sezidakwa sigijime phezu kwaKhe kanjalo, mabambize ngo*mgingqiki ongcwele*," ngikhuluma nawe, "mabambize nge*modeli endala*, into efana naleyo, 'Uwuhlanya oludala,' Ubengeke akwenze lokho."

159 Kodwa ku. . .WayenguNkulunkulu. UMbuso waKhe wawuvela phezulu, izithunywa zaKhe ziyinto efanayo, uMbuso wazo uphezulu, zenza sengathi ziphezulu *lapho*, zikhuluma ngokwaphezulu *lapho*, "Lapho kukhona ingcebo yabo, ilapho nenhliziyo yabo," zikhuluma ngalokho.

160 Njengoba Ehamba enyuka igquma, sengiyakubona lokho kufa. USathane wathumela lolodosi lokufa ngaleya, wathi, "Yehla futhi umthole manje." Wathi, "Yehla futhi umthole, manje yisikhathi sokumthola."

161 Leyonyosi, njengenyosi enkulu yokufa, iqala ukubhuza ngakuYe, ihhumuzela izungeza futhi iMzungeza, ithi, "Ya, mbuke opha, mbuke, isikhwehlela ebusweni bakho bonke. Babuke bonke behleka, behlekisa ngaye."

162 Ngibona owesifazane omncane ephuma egijima, futhi uthi, "Wenzeni na? Yibuphi ububi Abenzileyo na? Wenzeni, ngaphandle kokusishumayeza iVangeli na? Wenzeni, ngaphandle kokuphulukisa abagulayo benu na?"

Omunye ummukula asuke endleleni, athi, "Ungamlalela lowo wesifazane ohlanyayo esikhundleni sompristi wakho na? Qhubeka ukhuphuke igquma naye."

163 BayaMshaya futhi, Ukhuphukela egqumeni. Inyosi ithi, "Ngizomthola emva kwesikhashana lapho sebemlengisa esiphambanweni."

164 Niyazi zonke izilokazana, izinyosi nezinto, inesitinyeli, nokufa kuyinyosi, inesitinyeli. Kodwa niyazi ukuthini? Lapho enye yalezozinyosi ike yagxilisa isitinyeli sayo ngokujula ngempela, ikhipha isitinyeli sayo. Mfowethu, ngenkathi efaka udosi lwakhe kuleyonyama, lowo kwakungesuye umuntu, Wagxilisa inyama yakhe okwehange ku-Emanuweli, futhi ngenkathi ekwenza, Wadonsa udosi lwakhe lwaphuma. Ngiyanitshela, eNzalweni ka-Abrahama manje, angabhuza futhi enze umsindo, kodwa angeke aba nodosi.

165 Omunye wabo eza ekufeni kwakhe wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba, ngeNkosi yethu uJesu Kristu!"

166 Yebo, angabhuza, futhi enze omkhulu umsindo, futhi aqophisane, futhi adonse isibhedlela, angene, wena, isibhedlela, futhi atshele odokotela bemi lapho, nesigejane sokulila nokukhala, kodwa mbheke ebusweni bese uthi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Ngingakhomba ngaleya eNzalweni yobuKhosi ka-Abrahama, eGazi laYo engazalwa ngalo, Wadonsa lesositinyeli ekufeni, ngakho, ukufa, awunalo udosi kimi."

Thuna, "Ngizokubumba ngelinye ilanga."

167 "Kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba, ngeNkosi yethu uJesu

Kristu." NeNzalo yaKhe iyakunqoba amasango ezitha zayo, inqobe isango lazo zonke izitha zayo.

168 Futhi ngenkathi Efika, Wanqoba onke amasango, isango lokugula, isango lokufa, isango lesihogo, isango lokulingwa, isango lethuna, Wanqoba onke amasango futhi usinika wona ngesihle, futhi usenza sibe ngaphezu kwabanqobi ngaYe owasithandayo, futhi wazinikela Yena uqobo ngenxa yethu.

169 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisacabanga ngalokho. Ngiyamangala kulobubusuku, uma ngenhlanhla: Bangaki okulendlu lapha ongaMazi njengoMsindisi wakho, futhi uyazi ukuthi impilo yakho ayilungisene noNkulunkulu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, kulomkhuleko wokuvala, ngifuna ungikhulekele."

170 UNkulunkulu akubusise, emuva ngale ekhoneni. UNkulunkulu akubusise emuva le lapho, nenekazi. Bangabakhona abanye futhi na? Bangaki abanye, phezulu kuvulandi osesitezi na? Ngingazibona izandla phezulu lapho na? Bonke labobantu, uNkulunkulu akubusise emuva lapho. UNkulunkulu akubusise lapha, nenekazi.

171 Ngabe omunye umuntu angasiphakamisa nje isandla sakho na? Ngeke kukulimaze. He, phakamisa isandla sakho nje, uthi "Ngi. . ." Uyazazi wena. Uthi, "Mfowethu Branham, angisiyo iNzalo ka-Abrahama, ngingowebandla." UNkulunkulu akubusise lapha, mnumzane. "A—angisiyo iNzalo ka-Abrahama." UNkulunkulu akubusise, nenekazi, khona lapha. INkosi mayicebe kini, kulobubusuku. Ngale ngakwesokudla sami, yebo, iNkosi ikubusise.

172 Omunye umuntu na? Awusho, phakamisa isandla sakho, futhi nje uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emkhulekweni wakho, ngifuna uku—ngifuna ukuba yiNzalo ka-Abrahama." Ngoba khumbula, uma ungesiyo iNzalo ka-Abrahama, awukho esithembisweni.

173 Manje, ungahle ube ngowelinye ibandla, futhi lokho kulungile. Yebo, mnumzane. Anginalutho olumelene nawe ngokuba ngowebandla, ngicabanga ukuthi leyo yinto enhle. Kodwa, mfowethu, dadewethu, lokho ngeke kukusize nakancane ngehora lokufa kwakho, noma ekuFikeni kweNkosi uJesu, Uzofanele ube yiNzalo ka-Abrahama.

174 Futhi indlela kuphela ongaba ngayo iNzalo ka-Abrahama ingukuba uziphike wena uqobo, futhi ufe kuwe uqobo, futhi uzalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, ngoba ukuPhila okwakukuKristu kusenza sibe yiNzalo ka-Abrahama. Sithatha iNzalo yakhe ngoMoya oNgcwele esaphiwa ngesithembiso sikaNkulunkulu, "Nesithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

175 Izandla eziyisishiyagalombili noma eziyishumi kade ziphakeme. Bangabakhona abanye futhi abanobuqotho obuqotho na? Thembeka nje kuwe uqobo. Uma uyilunga lebandla, asikuceli ukuba uze ujoyine lelibandla, qhabo, sifuna nje ube yiNzalo ka-Abrahama.

176 Mfowethu, dadewethu, ngingahle ngingaphinde ngikubheke kulokhu ukuphila, kodwa lapho eNkantolo yokwaHlulelwa, ngizodingeka ngibhekane nawe. Niyabo? Manje, khumbulani kulobubusuku, usuku lwe 13 lukaFebhuwari, 1961, lapho lolusuku lugingqika phezulu lapho oseyilini wezibhakabhaka wokwaHlulela, lomhlangano uzofika ekukhumbuleni kwakho.

177 UNkulunkulu akubusise ngale uncike odongeni lapho. "Ngifuna ukukholwa kuJesu, ngifuna ukuba yiNzalo ka-Abrahama, kulobubusuku." Ngathenga . . . IBhayibheli lasho lokho okungaphandle akusilo iJuda, kodwa lokho okungaphakathi. INzalo yakhe—yakhe iyakunqoba amasango esitha.

178 Sinesitha esibalekayo manje. Izandla eziyishumi noma eziyishumi nambili sesivele siphakeme. Lokho . . . Sikhombisa ukuthi sinesitha esibalekayo. Angabakhona omunye ojoyina izikhundla zethu kulobubusuku, futhi niphakamise izandla zenu bese nithi . . . ? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Ngabe ukhona, emuva lapho na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Yebo, mfowethu, phezulu kuvulande osesitezi, iNkosi ikubusise. Yebo. Joyina izikhundla zethu. Sinesitha sigijima manje.

179 Izolo ebusuku simqalise kubantu abagulayo. Bukani nje udaba lomdlavuza, nakho konke, kulethwe lapha izolo ebusuku. Isitha siyanyakaza manje. Ngeviki eledlule silwile nje, futhi sasika, nakho konke ebesingakwenza, kodwa sinesitha sihamba. Niyabo?

180 Manje, abaningi uyenyuka, bephuma ezikhundleni, bethatha . . . efaka amaphepha ngqo. Kukhona . . . Ungeze ujoyine kanye nathi, kulobubusuku na? Joyina izandla zakho noNkulunkulu kulobubusuku, ube ngofile ezintweni zezwe futhi wemukele uKristu njengoMsindisi wakho. Uzosiphakamisa isandla sakho ngaphambi kokuba sikhuleke na? Uthi, "Ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise emuva lapho ngemuva lapho, ngiyasibona isandla sakho siphakeme le emuva. Omunye nje?

181 Kuthiwani ngomunye umuntu phezulu oseduze lapha, hhayi umKristu na? Uthi, "Ngiyafuna, ngikhumbule, Mfowethu Branham. Ngikhulekele nje ngenkathi usakhuleka, ngikhumbule nje emkhulekweni wakho." Ngizokwenza lokho. Kulungile. Manje asigcine amakhanda ethu ekhotheme.

182 Manje, Baba waseZulwini, akukho namunye wethu owaziyo ukuthi sizoba lapha kusasa, lobu kungahle kube ubusuku

bokugcina emhlabeni esibuchithayo. Kukhona ngolunye usuku engizolivala leliBhayibheli okokugcina, ngesinye isikhathi ngizovala amehlo ami, futhi ngikhothamise ikhanda lami okokugcina, futhi umuntu ngamunye phakathi lapha uzokwenza okufanayo. Asazi ukuthi lesosikhathi siza nini, Nkosi. Siyazi kukhona elikhulukazi, ikamelo elimnyama elihlezi phambi kwethu sonke, sonke isidalwa esingumuntu, libizwa ngo*kufa*.

183 Futhi njengoba sicabanga ngomlobi we*Thanatopsis*, njalo lapho inhliziyo yami ishaya, sithola ukushaya okukodwa kusondele kulelokamelo. Njalo lapho inhliziyo yami ishaya, nalelowashi lewashi lishaya, sisondela nje ngokushaya okukodwa, ngoluny'usuku iza ekushayeni kwayo kokugcina.

184 Nkulunkulu, asifisi, nginxusela lababantu, asifisi ukungena kulelokamelo simemeza kakhulu, futhi sikhala, futhi sifisa ukuphila okude, nemizuzu embalwa ukuba siphenduke. Nkulunkulu, sifuna ukungena lapho ngesibindi. Sizongena lapho njengeNzalo ka-Abrahama, isithembiso ezinhliziyweni zethu, sazi lokhu, ukuthi siyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi ngolunye usuku, lapho Ebiza, sizophuma phakathi kwabafileyo futhi sivuke, futhi sihambe siyoba naYe, ukuba sibe naYe njalo.

185 Ngikhulekela laba abaphakamise izandla zabo, Nkosi. Abaningi baphakamise izandla zabo, baqotho, Nkulunkulu. A—abakwenzanga lokho ngamandla abo uqobo, bekufanele kube namandla anikezwe bona, futhi lawo bekungamandla aKho. Futhi baphakamise izandla zabo ukuthi babeqotho kukho.

186 Nkulunkulu, kulotshiwe eZwini ukuthi osebenzayo, umkhuleko ovuthayo womuntu olungileyo. . . Manje, akekho kithi olungile, kodwa semukela ukulunga kwaKhe, futhi siletha iGazi laKhe phambi kwaKho, siletha iZwi laKhe phambi kwaKho, njengoba Athi, "Celani noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngizoyenza."

187 Manje, siKulethela lababantu, ngokukholwa, phezulu ngqo phambi kwaKho, Nkosi. Nampo, bonile, benze okungalungile, bafuna ukuthethelelwa isono sabo. Baphakamise izandla zabo kuWe ukuthi, nami ukuba ngibakhulekele ukuthi bayadabuka ukuthi benze lokho. Nkosi Jesu, bathethelele. Kwangathi bangathola lokho kuthula okumnandi kwangempela okudlula ukuqonda. Beqonda ukuthi uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe, ukuze—ukuze babe nesibindi sokuphakamisa isandla sabo.

188 Futhi mababe nalokhu ukuqonda, futhi, Nkosi, ukuthi bakhethwa, kungenjalo babengeke neze basiphakamise isandla sabo, ngokuba uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Mabazi ukuthi uNkulunkulu, uBaba, umi eceleni kwabo, ekhuluma enhliziyweni yabo, futhi benze lokhu ukukhetha.

189 Wathi futhi, "Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa usevele wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni," unokuPhila okuPhakade manje. Baba Nkulunkulu, Ubungeke wenqabe noyedwa.

190 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoba nomusa kulaba. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobasiza, nokubanika isibindi manje, emva kokuba sengiwucaphunile lomBhalo, ukuthi bekunguWe obenzile baphakamisa isandla sabo, ngokuba Washo njalo, "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuzokuza." Futhi mabazi, phezu kwalokho kuvuma khona lapho kufakazisa ukuthi Uyabathethelela isono sabo.

191 Manje, kwangathi bangebe namahloni ngakho, kwangathi bangama ngesibindi, bathi, "Yebo, manje ngiyakwemukela phezu kwezisekelo zeZwi laKhe, ukuthi angisoze ngangena ekwaHlulelweni kwabalahliweyo, ngoba uNkulunkulu ukhulumile enhliziyweni yami, futhi ngaphakamisa isandla sami ukuthi ngizoMemukela njengoMsindisi wami. Bengifuna ukukhunjulwa emkhulekweni." Siphe khona, Baba.

192 Manje amakhanda ethu ekhotheme, ngicela ngamunye ophakamise isandla sabo, uma nikukholwa enginitshela khona, maKristu, khulekani, uNkulunkulu washo lokhu: UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala," manje, yini ekwenze waphakamisa isandla sakho na? NguMoya oNgcwele lapho enitshela, enilahla ngecala ukuthi ninephutha. "Nakho konke uBaba aNgiphe khona," noma akhuluma kuye, "kuzoza," (Futhi ukwenzile, waphakamisa isandla sakho, "Ngiyisoni, ngifuna ukuthethelelwa, ngenze iphutha.") "Angisoze ngamlahlela ngaphandle, ngimnike ukuPhila okuPhakade, ngimvuse ngosuku lokugcina."

193 Manje, kukhona enye futhi into engifuna niyenze, "OzoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Manje, nginicela ukuba nenze into eyodwa ebuhleni bukaNkulunkulu. Cabanga nje ukuthi Ubelunge kanjani ukukwenza uphakamise isandla sakho.

194 Ngakhuluma nentombazane esencane ngenkathi ngisengumshumayeli weBaptisti, ngangisezansi eNashville, eTennessee, futhi ngezwa ngiholeleka ukuba ngiyitshele ukuthi ngangikholwa ukuthi uNkulunkulu wayeyinika ubizo lwayo lokugcina. Yahlangana nami ngaphandle kwebandla ngalobobusuku, yayisithi, "Ungaphinde ungiphoxe kanjalo futhi!"

Ngathi, "Angizange ngikuphoxe, ngithemba angikwenzi." Yayiyindodakazi yedikoni.

Yathi, “Ngisemncane, futhi nginenqwaba yesikhathi sokwenza lokho.”

195 Ngathi, “Nenekazi, bengingeke ngikukhombe ngomunwe wami ukuba bengingazizweli ukuthi bekulungile. Angizange ngenze ukubizela e-altare uma ngingacabanganga. . . ” Futhi yavele yangithethisa kabi kabi.

196 Cishe eminyakeni emibili kamuva, ngangisezansi lapho nomngane wami omdala, uMfowethu Morrison, ibandla leBaptisti, ukuba nomunye umhlangano, futhi ngenkathi ngikwenza, ngehla ngomgwaqo, futhi yayiyintombi enhle, yayihamba yehla ngomgwaqo, sekube yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu edlule, neziketi zayo zangaphansi zilengela phansi. O, yayibukeka kabi kanjani! Ngacabanga, “Leyo ngeke kwaba yindodakazi yedikoni!” Futhi yangihlola, yathi ukumamatheka, yabhekisa ikhanda layo eceleni. Ngahamba ngasondela ngakuyo.

Yathi, “Halo, Mshumayeli.”

Ngathi, “Sawubona?”

Yama lapho ekhoneni kancanyana, yathi, “Woza, hamba nami siye ekamelweni lami.”

Ngathi, “Ngiyabonga, ngithi ukuphuthuma kancanyana.”

Yafaka isandla ephaketheni layo, yayisithi, “Nanku usikilidi?”

Ngathi, “Manje, awunamahloni ukusho lokho na?”

Yathi, “Mhlawumbe ungathatha isiphuzo kanye nami. Ngizosikhokhela uma uzosithatha.”

197 Ngathi, “Ngiyakudabukela, nenekazi! Ubungebe namahloni ukucela inceku kaKristu into enjengaleyo na?” Ngaqala ukuhamba, ngathi, “Ngizobe ngikukhulekela.”

Yathi, “Umzuzu nje, asikho isidingo.”

Ngathi, “Ngani na?”

Yathi, “Uyakhumbula ngalobo busuku ngimi lapho ngasesihlahleni sembali, eceleni kwalelobandla leBaptisti na?”

Ngase ngithi, “Yebo.”

198 Yathi, “Ubaba wami useyidikoni lapho.” Yathi, “Ungakusho lokhu nomaphi lapho ufuna khona, noma uyaphi, uma ufuna.” Lathi, “Lolo kwakulubizo lwami lokugcina.” Yathi, “Uyazi, kusukela ngalesosikhathi,” yathi, “Ngangivame njalo ukuzwa ubizo enhliziyweni yami ukuba ngize kuNkulunkulu,” yathi, “kodwa kusukela ngalesosikhathi,” yathi, “Ngiye ngaba lukhuni ngokuba lukhuni.”

199 Manje, lesi yisitatimende intombazane eyasenza: Yathi, “Inhliziyo yami ilukhuni kakhulu imelane noNkulunkulu, futhi

imelene nebandla, nakho konke," yathi, "Ngangiwubona umphefumulo kamama wami uthoseka esihogweni njengepanikuku futhi ngiwuhleke." Niyabo?

200 Manje Unesihawu kini. Ungqongqothile enhliziyweni yakho, futhi waphakamisa isandla sakho, "Yebo, Nkosi, nginephutha." Lowo bekunguBaba. Manje uzoMvuma ngokwenele, ungasukuma nje ume ngezinyawo zakho na? Ngeke ngikucele ukuba ungenzi lutho olunye, yima nje ngezinyawo zakho ukuze abantu babone ukuthi lowo bekunguNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho. Manje, khumbulani, ngempela, abantwana beqiniso, "UNkulunkulu ungqongqothe enhliziyweni yami, ngifuna ukuma ngezinyawo zami, nje ngazise abantu."

201 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Omunye asukume. Kunjalo. Bonke labo abangqongqozayo, "Sengiyakholwa manje," sukuma nje umzuzwana nje, umzuzwana nje. Ngiyacela, sukuma nje umzuzwana nje, wonke umuntu. Lokho kuhle. Ngabe ukhona omunye ofuna ukusukuma, ngalesisikhathi nje na? Uthi, "Wangqongqotha enhliziyweni yami, angizange ngiphakamise isandla sami, kodwa ngizoMmela khona manje, ngizoma khona manje. Ngikholwa ukuthi ngizoMmela khona manje, ngoba Wangqongqotha enhliziyweni yami, angifuni neze inhliziyo yami ukuba ingene kulesosimo esibi kanjalo. Ngenkathi isathambile, ngizovuka."

202 Manje, ngisho lokhu kini phezu kwegunya leZwi likaNkulunkulu: Uma uMmela lapha, Uzoma kuwe ekwaHlulelweni, "ONgivuma phambi kwabantu, yena Ngizomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele."

203 Ngizocela nina bantu, nina maKristu athandekayo enisanda kuba ngamaKristu kuKristu nje, usanda kuthola i—isimemo sokuba yiNzalo ka-Abrahama, thola ibandla elihle futhi ubhaphathizwe. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu, ngokuma kanjalo. Lokho kuhle kakhulu.

204 Manje, yibani nilokhu nimile nje, ngifuna ukunikhulekela futhi. Futhi thola ibandla elithize elihle, ubhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, futhi ufune umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kukhona abantu abasha abamile, izinsizwa, futhi, bezingenza abefundisi nezithunywa zenkolo, uNkulunkulu abusise ukuPhila kwenu kobukhosi.

205 Manje, nina enikhothamise ikhanda lenu, ngifuna nivule amehlo enu, futhi niphenduke futhi nibuke, nibone ukuthi ubani. Futhi ngifuna nina manje, lapho sima, ukuba nibanike isandla sokunene senhlanganyelo, njengamakholwa angamaKristu, sithi, "Siyakwamukela." Bamemele ebandleni lakho, noma okuthize. Manje, sonke asime ngezinyawo zethu. Nisaxhawulana nabo, nithi, "Siyakwamukela eMbusweni

kaNkulunkulu, kulobubusuku," uthi, "mfowethu oyisihambi esibusisiwe," phendukani, ngamunye wenu, xhawulanani nalabobantu manje njengoba sicula.

> Njengoba nginjalo nje, ngaphandle kwesicelo esisodwa,
> Kodwa ukuthi okwaKho . . . (Yilokho-ke, maKristu, yibani nomoya omuhle ngempela.)
> . . . chithekela . . . (Ngibuka phezulu kuvulandi osesitezi, izinsizwa zikhala, abantu beqhaqhazela.)
> . . . ukuthi Wena uyangibiza ukuba ngize kuWe;
> O Wundlu . . . ngi . . .

206 UMfowethu Buntain uthi kunegumbi lomkhuleko esitezi esiphansi. Ufika kanjani kulo, Mfowethu na? Nje ngqo wedlule emasangweni, uma ungathanda ukwehla, ngomzuzwana nje. Futhi ngizobuyisela inkonzo kuye. Futhi mhlawumbe abanye benu abaka . . . Bangaki ongakawutholi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho, futhi bayafuna. Ufuna ukuba . . . UNkulunkulu akubusise. "Othandayo, makeze." Ngabe kunjalo na?

207 Manje, anijabule, wena ophakamile futhi wavuma uKristu, kulobubusuku na? Uma uzizwa ukahle ngempela ngakho enhliziyweni yakho, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone, wena ophakamise isandla sakho, wena ozayo. Bukani lapho, bonke, amaphesenti ayikhulu. Yebo, mnumzane. Yilokho-ke. Bangaki kini nonke abajabulayo ukuthi ningamaKristu, kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho.

208 Lathini iBhayibheli na? INzalo yaKhe iyakunqoba isango lesitha. Amen. Sinqobile kulobubusuku kuKristu, uMnqobi wethu omkhulu. Sibhidlize izindonga zesono, sabhidliza izindonga zokunganaki, nemiphefumulo yamasha yangena eMbusweni kaNkulunkulu ukuba ivuke ekuvukeni ngosuku lokugcina. Asijabule na?

Kulungile, Dadewethu, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, ngoba Wangithanda kuqala." Wonke umuntu manje, nonke ndawonye:

> . . . Mthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

209 O, aniMthandi na? Manje, ungahambi manje, ngifuna ungenzele okuthize. Manje, lapho silicula futhi, ngifuna nixhawulane nomunye ophambi kwenu, omunye emva kwakho, ngakwesokudla nesokunxele, bese uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu oyisihambi, noma dadewethu. Ngiyajabula

ukuba lapha endlini kaNkulunkulu kanye nawe." Asikwenze manje sisacula.

> Ng'ya . . . (UNkulunkulu akubusise, mfowethu oyisihambi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu oyisihambi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.)
> . . . wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> KowaseKalvari . . .

Manje asiliculele Yena njengoba siphakamisela izandla zethu kuYe.

> Ng'ya . . .

Phakamisani izandla zenu.

> . . . Mthanda . . .

Nginiyisa kumelusi wenu.

